# UPHISI WOBUCIKO ODLULA KONKE OKHONJIWE KANKULUNKULU

Ngiyabonga, kakhulu impela, mfowethu. UBilly ufuna ngithi lokhu ngokokuqala kimi ukuba sepulpiti, izinyanga ezintathu. Futhi u. . . Ngiyakhumbula okokuqala ngiba naye, phezulu ukuba afakaze, wathi, "Into yokuqala, nginovalo." Nginalo, nami. Cishe iminyaka engamashumi amathathu nanhlanu ngisenkonzweni, futhi lesi ngeside kunazo zonke engizihlalile ngingekho epulpiti selokhu ngaba senkonzweni. Ngidinge ukuphumula okuncane, ngakho uMfowethu Mosley nami, nabanye babazalwane lapha, besisohambweni oluncane lokuyozingela. Futhi sesiphumule manje. Nalona ngumhlangano wami wokuqala selokhu ngi . . . cishe lulunye kuSeptemba. Futhi kuyinto ethize. Inkonzo iyinto odingeka uthi ukuhlala nayo.

2 Futhi manje ngibacele ukuba bacishe leyofeni, noma babone ukuthi bangayicisha yini, ngoba ngiyazi ukuthi kul'khuni ukuzwa. Futhi kul'khuni, ngiyazi, uma omunye enikeza ubufakazi babo. Kwakul'khuni kimi ukubezwa. Nizwa kahle nonke manje na? Kuhle. Ngiyazi ukuthi ukuma usondele kulombhobho baze balungise leyo.

3 Lena ngempela yi—yinhlanhla enkulu kimi, futhi ngi—ngibonga ngempela kumphathi sihlalo, nasemkhandlwini wezikhulu zesonto zeFull Gospel Business Men lapha eYuma, nakubo bonke abefundisi. Lona abaculi abakahle lapha, ubelapha phezulu emzuzwaneni embalwa edlule, ngithanda ukubezwa e—emhlanganweni. Lokho bekukuhle ngempela. Bengi—ngimangala nje, ngenkathi becula, ukuthi ngabe uJohn ungibonile yini. Futhi ngethemba ukuthi ungibonile. Futhi, ngakho, ngiyezwa ukuthi nisemvuselelweni lapha. INkosi inibusise kakhulu, mfowethu nodadewethu, lapho nikhonza. Nakubobonke abangani bami ePhoenix nezindawo ezehlukene, lokho yi . . . nokusuka ngale eCalifornia.

4 Futhi ngifuna ukusho izwi nje ngemikhandlu yezikhulu zesonto. Uma ngifika kubantu bePhentekoste, ngangi . . . nesehlakalo sephentekoste, ngingazi ukuthi kwakukhona ibandla lePhentekoste. NgangiyiMissionary Baptist. Ngangemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi ngathola ukuthi kwakunabanye abantu ababekholwa yinto efanayo engangikade ngiyemukele. Futhi babeyemukele

eminyakeni engamashumi amane ngingakayitholi. Ngakho ngangiyilowo nje, njengoba uPawulu asho, ngiyakholwa, ngingazami ukusho kanye naye, kodwa uhlobo lokuthi "ozalwe kungakabi isikhathi." Kodwa i . . . Abazalwane bami babonakala becabanga ukuthi ngangichezukile, ngithe ukuba ngasekupheleni okujulile, njengoba sikubiza kanjalo. Kodwa nga—ngangazi ukuthi ngangemukele okuthize. Manje-ke, isehlakalo sami sasinjengoba nje babenaso lapho. Futhi yileyondlela engikuthanda ngayo lokho.

5 Futhi, kodwa ngenkathi ngifika phakathi kwabo, i—ingxenye ephula inhliziyo ngakho, ngathola ukuthi base bethi abahlakazeke nje, emahlelweni ehlukene, njengoba ibandla lami leBaptisti lalinjalo. Futhi ba . . . Ngangicabanga ukuthi lalilodwa nje elibizwa ngePhentekoste, futhi kwakuyilo. Kodwa, ngithola ukuthi, kwakunamahlelo ehlukene amaningana awo. Ngakho, manje, onke ayekahle. Ngazi amanye amadoda akahle ukuwedlula onke esengake ngahlangana nawo, empilweni yami, yayikulamaqembu. Futhi aye—aye, kusobala, amahlelo ehlukene. Nomcabango wami—wami wawungukuthi sifanele sibe munye enhliziyweni, noKristu, futhi angizange ngijoyine nayiliphi ihlelo lawo elithize. Ngahlala nje phakathi kwawo, futhi ngizama ukubamba izandla zombili, nazozonke izandla, futhi ngithi, "Singabazalwane." Asi . . . Singahle sibone izinto ezincane ezehlukile kwelilodwa, kwelinye. Kodwa, ngaphandle kwakho konke lokho, sisesalokhu singabafowethu, ngoba sizalwa ngoMoya ofanayo. Singumndeni kaNkulunkulu.

6 Manje-ke ngenkathi usomabhizinisi abangamaKristu, iFull Gospel Business Men, lomkhandlu wezikhulu zesonto, ngangiphakathi nemihlangano yokuqala noMfowethu Shakarian. Ngamazi ngaphambi kokuba kubekhona inhlangano, noma okuphilayo kumiswe. Ngangicabanga ukuthi kwakuyinto enkulu. Futhi kube ngumnyango ovulelwe mina, ukuba ngihambe amazwe ngamazwe naleFull Gospel Business Men.

7 Lapho, ngezinye izikhathi, ukuthi uthola iqembu labefundisi, ngesinye isikhathi, babanomuzwa omncane ngokumelana nelinye iqembu, ngoba omunye esho into ethize. Lokho akukho ndawo zonke, kodwa sikuthola kwabendawo. Futhi ngokufana, uma ibandla elilodwa lizokuxhasa, elinye alizikuzihlanganisa nalutho nalo.

8 Kodwa kwiFull Gospel Business Men, kubengumnyango ovulelwe mina. Uma bengena, khona-ke ngithola bonke abazalwane bami ndawonye, futhi si—singahlanganyela; mhlawumbe abelusi ababili ngahle ukuba babenomuzwa, noma okuthize. Lona kube ngumnyango omkhulu ovulekile, futhi ngihambe amazwe ngamazwe ngenzela bona manje iminyaka, ngikhuluma emikhandlwini yezikhulu zabo zesonto.

9 Futhi iYuma ayinalo idolobha elikhulu kakhulu, nakuba ngicabanga ukuthi inkulu kakhulu kunalelo engivela kulo, iJeffersonville, eIndiana. Kodwa ngihlangane nomphathi sihlalo wenu lapha. I. . . ube. . . nabehlukene bomkhandlu wenu wezikhulu zesonto. Futhi ngicabanga ukuthi ninethuba eliyisimangaliso lapha.

10 Bengicabanga nje, kulobubusuku, lapho ngihlezi lapha futhi ngabuka labobantu. Niyazi, masinya impela sizophelelwa yilenhlanhla. UMkhandlu wamaBandla oMhlaba masinya uzosigwinya. Ngicabangela ekutheni iningi lezethameli zami kulobubusuku lenziwe amaPhentekoste, namaBaptisti, ne— neChurch of God, nabo abangaphandle kwalowoMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Futhi—futhi bona, yilokho nje abadlalele kukho, futhi yilokho iBhayibheli elathi bayokwenza. Futhi siyexwayiswa ngalokho, ngakho masihlale sicacile kukho. Futhi ngakho njengoba bekukhuluma kulobubusuku ngakho, eculweni, ngokuFika kweNkosi okuseduze, kungahle ukuba kusondele kakhulu kunoma sicabanga ukuthi kusondele.

11 Futhi ngicabanga ukuthi kungenkathi sihlangana ndawonye naloluhlobo lwenhlanganyelo, lwenza okuthize kithi, okusidonsela eduze komunye nomunye. Futhi njengoba sisondelana kakhulu komunye nomunye, sisondela kakhulu futhi kuNkulunkulu, ngokuba uJesu wathi, "Enikwenzile kwabancane kwalaba abancinyane baMi, nikwenzile kiMi."

12 Nginomfana omncane phakathi lapha ndawo ndawo, ngiyacabanga, uJoseph. NginoBilly ehlezi lapha. Amadodakazi amabili ehlezi emuva lapho, nonkosikazi. Manje uma noma ubani ebenokuthize okwaku. . . benifuna ukwenza kahle ngempela, bengingaqoka kakhulu ukuthi beningakwenza ebantwaneni bami kunokukwenza kimi. Futhi ngakho ngizwa mhlawumbe, njengomzali. . . Futhi Ungumthombo wobuzali. Ngicabanga ukuthi yileyondlela uNkulunkulu ayizwayo. Uma singa. . . SiMkhonza njengoba sikhonzana omunye nomunye. Simkhonza kanjalo uNkulunkulu.

13 Futhi sazi lokhu ukuthi kuyiqiniso, khona-ke ngicabanga ukuthi ngasosonke isikhathi uma lomkhandlu wezikhulu zesonto uhlangana, umi phakathi kokwevangeli. Akukho ngempela sifundiso esithize iFull Gospel Business Men esimele. Bamele nje iVangeli eligcwele. Futhi uma umuntu ehluka, lokho kulungile ngokuphelele. Kulungile. Sinenhlanganyelo, noma kanjani. Ngakho ngicabanga ukuthi bekungaba yi. . . Uma ngihlale lapha kulelidolobha, ngiyakholwa, uma lowomkhandlu wezikhulu zesonto uhlanganile, uma bekukhona noma iyiphi indlela engenzeka empeleni, bengiyoba lapho futhi ngibe nawowonke umuntu lapho ebengingafika lapho. Kunjalo, ngoba yi—yinto esiqinisayo ndawonye.

14 Ngihlala eTucson, futhi ngikhuluma ngokuqhubekayo kulowomkhandlu wezikhulu zesonto, ngasosonke isikhathi. Futhi ePhoenix, selokhu ngathuthela eArizona, ngisePhoenix ngasosonke isikhathi uma ngithola ithuba lokuhamba futhi ngiye e—ePhoenix. Ngoba, futhi ngizama ukuletha omunye nami, ngimeme omunye, ngithole abefundisi.

Futhi bathi, "Awu, awu, uyabo, Mfowethu Branham, asiwenzi."

15 Ngithi, "Akunandaba ukuthi u. . . Asihambe nami nje. Hamba njengo—ngomngani, nami."

16 Futhi nje ubafikise lapho kancanyana. Yilokho kuphela okufanele ukwenze. Futhi bathola ukuthi, yonke inhliziyo yomuntu ilambele inhlanganyelo. Futhi sifanele ngabe senza ngaleyondlela. Kuyisibonakaliso esikhulu sesikhathi sokuphela. UNkulunkulu awubusise lomkhandlu wezikhulu zesonto. Kwangathi u—kwangathi ungabakhona iNkosi uJesu ize ifikele ukusemukela phezulu eNkazimulweni, umkhuleko wami.

17 Manje, niyalukhumbula uhambo lwami lokuqala ngidabula eYuma. Ngangigibele iModeli T Ford eyayikwazi ukwenza amamayela angamashumi amathathu ngehora. Bengicabanga lapho ngishayela namhlanje. Ngiselokhu ngithembekile kwiFord; ngisenayo, futhi ngangingenalutho olunye ngaphandle kwaleyo. Kodwa ngi . . . Manje, angibadayisi oFord. Manje, lokho akusikho ukuvimba lokho. Niyabo? Kodwa ngiyakhumbula ukuthi yayikwenza kanjani leyoFord . . . Abaningi benu bazalwane abathi ababengontanga yami uyayikhumbula iModel T endala. Lokhu kwakungo 1927. Wawufanele ubuke kahle ngempela kungenjalo wawungeke uyithole iYuma uma wedlulile. Yayincane kakhulu, futhi senikhule ngempela. Kodwa, indlela engangithola ngayo amamayela angamashumi amathathu ngehora kwiyiFord yami, yayihamba amamayela ayishumi nanhlanu *ngapha*, ishumi nanhlanu *ngapha*. Ngakho, kuhlanganise, nganginamamayela angamashumi amathathu ngehora, nawo onke amabhampi ami nokunye nokunye. IYuma isikhulilile.

18 LeliBandla elinenkazimulo, ukuthi si—silwela lokhu kuKholwa.

19 Ngiyabonga, mfowethu, noma ngabe ubani owenze lokho. [Omunye wanikeza okuthize kuMfowethu uBranham—Umhl.]

20 Isikhulile, nayo, futhi siyabonga ngalokho. INkosi inibusise nonke.

21 Siyethemba, uma ningapha, eduzane, noma yimuphi walemihlangano . . . Ngino—nomkhandlu wezikhulu zesonto ePhoenix, ukuba ngikhulume kuwo, ngeSonto elizayo. Futhi ngeSonto elilandelayo eFlagstaff. NangoMsombuluko olandelayo, zingamashumi amabili nanye, yidili lokudla eTucson. Nonke niyamenywa.

22 Futhi, iNkosi ivuma, ngifuna ukukhuluma eWestward Ho iMo-. . . eHhotela endlini yokudansela, ngiyakholwa. Kuqala ngabuphi ubusuku lokho na? [Omunye uthi, "Lokho kungeSonto ntambama, ziyishumi nesikhombisa."—Umhl.] NgeSonto ntambama, ziyishumi nesikhombisa, inkonzo encane nje yobuvangeli. Ngethemba ukuthi lababaculi baseduze, kusondele kulesosikhathi, ukusisiza. Futhi sizoba lapho ngaleyonkathi kuze kube ulwesiThathu. Ngicabanga ukuthi kungeSonto ntambama. Futhi senza lokho ngoba ngeke saphazamisa noma yiziphi izinhlelo zamabandla. Manje-ke, ngoMsombuluko nangolweSibili, bese kuthi-ke ngolwesiThathu sise Ra-. . . eWest-. . . iRamada Inn, iRamada Inn. Bese kuthi-ke ngolweSine siqala eWestward Ho. Kuyikho na?

23 [Umfowethu uthi, "Westward Ho, ngeSonto, ngoMsombuluko, ngolweSibili. Khona-ke siya eRamada Inn, ngolwesiThathu, futhi sihlala lapho kuze kube yingqungquthela."—Umhl.] Ingqungquthela isiphelile, eRamada Inn. Ngakho siyojabula ukuba nani noma ngasiphi isikhathi.

24 Manje, ngaphambi kokuba siphenye kuleNcwadi, asikhothamise ikhanda ethu umzuzu nje futhi sikhulume kumQambi.

25 Manje, amakhanda ethu ekhotheme othulini lapho uNkulunkulu asithathe khona, futhi, uma uJesu elibala, sifanele sibuyele emuva ngaleyondlela ngolunye usuku. Nje selokhu ngibe lapha, nginomlayezo ovela empumalanga, ukuthi inenekazi elincane ebengilazi . . . Liyintombazane encane egama linguEdith Wright. Ledlulile ukuyohlangana noNkulunkulu, kulentambama, ngelesithathu nqo. Sifanele sibuyele emuva. Uma kukhona lapha ongathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ungasiphakamisa nje isandla sakho kuNkulunkulu. UNkulunkulu akubisise.

26 Baba waseZulwini, njengoba siyijabulele kakhulu lenhlanganyelo ekahle, ukucula, o, ukuthi kuyixhuxhumisa kanjani inhliziyo yami ngenkathi ngizwa leloculo, *Ngabe uJohn Ungibonile?* Baba, ngiyethemba ukuthi sonke siyoba lapho, ngamunye wethu. Futhi sikhothamele manje ngasothulini, futhi si—siyakhuleka ukuthi uyaKwemukela ukubonga kwethu—kwethu, nokuphenduka kwethu, nomkhuleko wethu ngamunye.

27 Futhi manje siphenya eZwini laKho, ingxenye engcwelisiwe yomhlangano obonakala ungcwelisiwe kakhulu kunawo—kunawo wonke, ngoba siyazi ngalesisikhathi siphathelene nabantu, ukubaholela eQinisweni, kuKristu naseZwini, okunguKristu. Futhi siyakhuleka ukuthi Uzosivulela iZwi. Ase—senele, Nkosi, kodwa Wena wenele konke. Ngakho ngiyakhuleka ukuthi Uzobusisa imizamo yethu ebuthakathaka, futhi kwangathi kulobububusuku singazithola nendawo yethu

eZwini likaNkulunkulu. Siphe khona, Baba. Futhi sizokunika Wena udumo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

28 Manje, lokhu kumnandi ngempela ukuba lapha. Nginamanothi ambalwa lapha engicabange ukuthi ngizothathisela kuwo, okwemizuzu embalwa, njengoba ngingacabangi ukuthi sivunyelwe ukugcina leliholo isikhathi eside kakhulu kusihlwa. Futhi ngithi ukuba, futhi, phakathi kwabantu bamaPhentekoste, ngithi ukunensa, niyazi.

29 Ngiyakhumbula. Nginitshelile, mhlampe. Ngenkathi ngiqala ukubona umfundisi wePhentekoste, kwakunguMfu. Robert Daugherty evela eSt. Louis. Ngiyangabaza noma ukhona kini omaziyo. Nibubonile ubufakazi bentombazane yakhe encane encwadini. Waye—waye . . . Yaphiliswa emdansweni waseSt. Vitus, futhi yayikade iyekiwe. Futhi ngahlangana kanjalo okukuqala nabantu bePhentekoste.

30 Futhi, lokhu, ngahamba ukumuzwa eshumayela, futhi—futhi, he, wa—wayekwazi ukushumayela. Wayenga . . . Wayengalindi ngisho lutho. Futhi wayeshumayela aze ayothi ngqu ngaphandle komoya ovunguzayo, futhi abel'hlaza ebusweni, futhi amadolo akhe ayogoba ndawonye, futhi uyocishe ashaye kwiphansi. Futhi abambe umoya wakhe, wawungamuzwa ekugcineni kwedolobha ezansi lapho, cishe impela, abuye enyuka eshumayela. Futhi ngacabanga, "He, angeke nje ngi—ngicabange ngakho ngokushesha okunjalo."

31 Ngifanele nje ngithi ukuthatha isikhathi sami. Ngithi ukunensa, futhi sengigugile, futhi, niyazi, ngigaqagaqa, ngakho ngiyethemba nizongibekezelela imizuzu embalwa.

32 Yinye kuphela into eqinisekile, engaziyo ukuthi ayisoze yehluleke, futhi leyo yiZwi laKhe. "Amazulu nomhlaba kodlula, kepha iZwi laKhe alisoze lehluleka." Ngakho asiphenye manje, uma unalo iBhayibheli lakho, futhi uthanda ukufunda kuLo, eNcwadini kaIsaya, isahluko 53 sikaIsaya. Ngizothanda ukufunda lokhu nje ukwakha, ukuthola indikimba ukwakha ingqikithi, okwesikhashana.

> *Ngubani owakholwa ngesikuzwile? . . . ingalo yeNKOSI yambulelwe-bani na?*
>
> *Ngokuba iyokhula njengehlumela phambi kwayo, nanjengempande emhlabathini owomileyo: yayingenasimo nabuhle; nalapho siyibuka, yayingabukeki ukuba siyifune.*
>
> *Idelelwa ilahlwa ngabantu; umuntu we*nhlupheko, *. . . elejwayele uhlupho: yeyiswa enjengosithezelwa ubuso ngabantu; yeyiswa, asiyishayanga-nto yalutho.*
>
> *Kepha yazithwala izifo zethu, yabuthatha ubuhlungu bethu: kodwa thina sathi ijezisiwe, ishaywe nguNkulunkulu, ihlushiwe.*

> *Kodwa yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu: umvimbo wokuthula kwethu wawuphezu kwayo;. . .ngemivimbo yayo siphilisiwe thina.*
>
> *Thina sonke sidukile njengezimvu; yilowo nalowo uphendukele endleleni yakhe; iNkosi . . .yehlisela phezu kwayo ububi bethu sonke.*
>
> *Yacindezelwa, kepha noma yathotshiswa, ayivulanga umlomo wayo: njengewundlu elayiswa ekuhlatshweni, nanjengemvu* zi*thule phambi kwabagundi bayo,. . . ayivulanga umlomo wayo.*
>
> *Yasuswa ekuboshweni nasekwahlulelweni: ubani oyakusisho isizukulwane sayo na? ngokuba yanqunywa ezweni lababphilayo:* futhi *ngenxa. . .ishaywa ngesiphambeko sabantu bami.*
>
> *Ithuna layo yalenza kanye nababi, yayinabacebileyo ekufeni kwayo; ngokuba ingenzanga indluzula, kungekho nankohliso emlonyeni wayo.*
>
> *Nokho iNkosi yathanda ukuyishaya; nokuyidabukisa: lapho uyakuwenza umphefumulo wayo ube ngumnikelo wesono, iyakubona inzalo yayo, yenze izinsuku zayo zibe ziningi, nentando yeNkosi iyakuphumelela esandleni sayo.*
>
> *Ngokuhlupheka komphefumulo wayo iya—iyakukubona, yaneliswe: ngokwazi kwayo inceku yami elungileyo iyakulungisisa abaningi; ithwale* isono *zabo.*
>
> *Ngalokho ngiyakuyabela kanye nabakhulu, yahlukanise impango nabanamandla; ngokuba. . . yawuthulula umphefumulo wayo ekufeni: yabalwa kanye nezelelesi; yathwala nokho* izono *zabaningi, yakhulekela aboni.*

33 Ngithanda nje ukusho lokhu, okwendikimba encane nje. Ngithanda ukuthatha indikimba kusukela lapho, njengokuthi: *Uphisi Wobuciko Odlula Konke Okhonjiwe KaNkulunkulu.*

34 Manje, lena kuzoba impela yi—yi—yindikimba ukuyifunda, ukuphakamisa uphisi wobuciko odlula konke. Kodwa uma siwubuka, njengoba singacabanga, lokho kuzoba enye into kodwa uphisi wobuciko odlula konke, ngoba kwashiwo, "Safihla ubuso bethu kuYo, futhi kwakungekho buhle ukuba siMfise." Futhi izikhathi eziningi, lokho ebesingakubiza ngophisi wobuciko odlula konke, ngenkathi uNkulunkulu engezukuba nalutho ngakho. Ngoba, ukuhlakanipha komuntu kungubuwula kuNkulunkulu, kodwa ubuwula bukaNkulunkulu buhlakaniphe okuningi kunakho konke ukuhlakanipha komuntu.

35 Futhi siyabona phakathi lapha, ukuthi uNkulunkulu usinikeza isithombe sokuthize. Ngingathanda ukuzama

ukuletha lesisithombe phambi kwethu, njengoba ngiqonda ukuthi kungahle kube yisikhathi sokugcina ukuthi abanye bethu ukuba sike sihlangane ndawonye. Singahle singaphinde sibonane njengoba sibonana manje. Ngakho, uma sibuthanele lenhloso, hhayi ukuba sibonwe noma sizwiwe . . .

36 Kodwa sibe nayo inhlanganyelo yethu komunye nomunye njengoba siphakelwe lokhu kudla okumangalisayo kulobubusuku, ngokuvundla itafula, njengoba siyondlile imizimba yethu yenyama, futhi manje sizothanda uNkulunkulu ukuba ondle umphefumulo wethu ngeMana yaKhe efihliwe. Kuphela yalabobopristi ongenile endaweni eNgcwele ngcwele uvumelekile ukudla uKudla kwaKhe.

37 Futhi uma siqaphelile, kulobubusuku, isiteki sethu—sethu. Angikholwa ukuthi ngake ngaba ne—nedili lokudla okwamanje, kuzozonke izindawo engibambe kuzo imihlangano, njengakulobubusuku, ukuthi ngibe nophisi wesiteki omnandi njengoba besiphakelile kulobubusuku. Manje, niyabo, ngoba ukuthi besifanele sibe nalokhu; uma siphila, okuthize kwafanele kufe ukuze sizojabulela lesisikhathi senhlanganyelo, futhi kuqinise izimpilo zethu.

38 Bengikhuluma nendoda eyayingophila ngemifino kuphela, kungekudala, futhi yathi kimi, "Awu, a—angivumelani nawe." Awu, i—ithi ukunginika incwadi iletha, ibifuna ukungibona ngasese. Futhi yathi, "Mfowethu Branham, bengihlala njalo ngikuthatha njengendoda engcwele." Yathi, "Kodwa ngenkathi ngikuzwa uthi wabanokudla kwasekuseni ihemu namaqanda," wathi, "lokho—lokho kwangehlisa."

39 Awu, lokho, bengingeke ngibeke isikhubekiso endleleni yayo. Manje, leyo yindlela yayo yokukholwa. Kodwa ngathi, "Awu, mnumzane, uma ngingadli, angiphili."

40 Yathi, "Kodwa, uyabo, udingeke udle ingulube, futhi—futhi ubulale inkukhu."

41 Ngathi, "Mnumzane, siphila kuphela ngento efile. Angikhathali ukuthi udlani. Udla imifino. Udla. Udla isinkwa, ukolo wafa. Uma udla ummbila, ummbila wafa. Udla ubhontshisi, ubhontshisi wafa."

42 Noma yini oyidlayo, ungaphila kuphela ngokomzimba ngoba okuthize kufile ukuze uphile. Manje, noma yini oyenzayo, ngisho ukuphuza ubisi, igciwane, noma yini, nifanele niphile ngento efile. Futhi kufakazisa kuphela ukuthi, uma sizofanele siphile lempilo yemvelo, futhi kungenziwa kuphela ngento efile, okuthize kwafanele kufe ukuze siphile Phakade. Lowo nguJesu Kristu, ukuthi uNkulunkulu wasinika njengesihlengo.

43 Futhi manje, ngesikhathi ngiqala ukuhlangana nabantu bamaPhentekoste, nga—ngaya eCalifornia, nje ukujoyina isifundazwe lapha, ngaphesheya kulomfula. Futhi ngangiseLos Angeles. Angikaze ngiphile kulezo zinsuku zalelinenekazi

elidumile elingumfundisi, uNkk. Semple . . . UAimee Semple McPherson. Ngafanele ngihlangane nendodana yalo, uRolf, umnumzane ohloniphekile ongumKristu, no—nomkakhe nomndeni wakhe. Bangabantu abathandekayo impela, noDkt. Teeford nezinye eziningi izisebenzi zase Angelus Temple. Futhi ngashumayela iJubhili lamaPhentekoste, iJubhili leminyaka engamashumi emihlanu lapho, iminyaka embalwa edlule, futhi impela ngaba nesikhathi esimangalisayo.

44 Ngakho ezinhloniphweni zalona wesifazane ohlezi phambili njengesibonelo njengoba enzile, zokuzama okwakhe okukwedlula konke, nokwe—kwethula okwakusenhliziyweni yakhe, ngamvalelisa ukuya ethuneni lakhe enhla eForest Lawn. Futhi ngama lapho ngakhumula isigqoko sami, futhi—futhi ngakhothamisa ikhanda lami futhi ngabonga uNkulunkulu ngempilo enodumo yalencekukazi encane, ngacelwa-ke yiqembu labantu enganginabo, iqembu labefundisi, ukuthi ngingeluthathe yini uhambo oludabula e . . . oludabula yonke iForest Lawn. Futhi kwingaphakathi lemoshali lapho, noma nikubiza ngani, bengibuka izifanekiso ezehlukene, ngase ngibona iSidlo sakusihlwa seNkosi, ngase ngihlala. Abaningi benu ukuqaphelile, ngenkathi bebeka amalambu kukho, iSidlo sakusihlwa sokuGcina, futhi bayizwa indaba yaso.

45 Kodwa enye yezinto ezigqame kakhulu impela engayibona lapho, yayingukuthi lapho ungena emnyango, ngikholwa ukuthi kwakungaba ngasempumalanga. Kwakukhona i—isithombe esiqoshwe ngetshe sikaMose sihlezi lapho, lowo kwakungumsebenzi kaMichelangelo wesisibekelo sempilo, ngikholwa ukuthi kwakuyiso, umqophi wemifanekiso. Lokho, ngingahle ngibe nephutha endodeni. Ngikholwa ukuthi kunjalo. uMichelangelo, o—o . . . umqophi wemifanekiso omkhulu wabumba lokhu, noma umfanekiso kaMose. Futhi njengoba wayekuchaza, u—umphelekezeli owayehamba esibonisa, wathi lokho kwakungokunye kophisi bobuciko obedlula konke obukhulu kunabobonke uMichelangalo ake awubumba. Futhi wathi kwamthatha esiningi sesikhathi sakhe, umsebenzi ol'khuni.

46 Ngase ngiqaphela-ke, ngikholwa ukuthi kwakuyikho, edolweni langakwesokudla. Isithombe setshe sasibukeka siphelele, sesulekile, noMose enesibhebhe semithetho esandleni sakhe, nentshebe yakhe ende. Futhi kwaku, kusobala, umcabango wengqondo kaMichelangelo, ukuthi uMose ufanele ukubukeka kanjani. Mhlampe wayengakaze asibone isithombe, kodwa, engqondweni yakhe uqobo, wadweba lokho ayecabanga ukuthi uMose ufanele ukubukeka eyikho.

47 Nendaba iyaqhubeka, kwathi nje anga—angasiqeda isithombe setshe, futhi sonke sihlikihliwe futhi ngokuphelele, wathi ukuhlehla ukuba abukisise umsebenzi wakhe. Futhi lapho esenogqozi kakhulu, saze sabukeka kakhulu impela . . .

Ayenakho engqondweni yakhe, ayesenze ngesandla sakhe. Sasibukeka sifana kakhulu njengaso, nayoyonke iminyaka ayekade esilindile, waze wathatheka kakhulu ugqozi, wasishaya edolweni wasememeza, "Khuluma!" Futhi kunendawo ephukile e—e—emlenzeni, idolo likaMose, lapho uMichelangelo ashaya khona ngesando sakhe, ngokuba waba nogqozi kakhulu.

48 Niyabo, kwakukhona into engaphakathi kuye, ekuqaleni, ukuthi wadweba isithombe sangokwengqondo salokho ayecabanga ukuthi uMose wayefanele ukubukeka eyikho. Futhi ngenkathi esebone lokho kubonakalisa phambi kwakhe, yona impela into ayenayo engqondweni yakhe, ayecabanga ukuthi uMose ufanele ukubukeka eyikho; futhi wathwala lowombono unaye yonke leyominyaka ngeminyaka, lapho ethatha uphisi omkhulu wetshe legwadle, wayeseqephula uphisi lapha nophisi lapho, bese ekumaka phansi, ngoba kwakufanele kufike ngokuphelele. Futhi ngenkathi sekuphelelisiwe phambi kwakhe, u—ubone ukubonakalisa kwalokho okwakusengqondweni yakhe. Yilokho okwamenzela ugqozi kanjalo, ukuba ashaye umfanekiso, futhi amemeze, "Khuluma!" Yonke iminyaka yakhe yokukhandleka yayisimsizile. Wonke umsebenzi wakhe wezandla omkhulu wawusuqediwe.

49 Manje siyakubona lokho, futhi nga—ngafikelwa ugqozi ngakho, ngoba ngacabanga lokho, ngempela, umaka emlenzini, okwalwenzayo, kimi, uphisi wobuciko okudlula konke. Ngoba, nje, ukuba nje kwakukade kungomunye umfanekiso womunye umuntu, noma into ethize kaMose, uhlobo oluthize lwesithombe umuntu othize eyekade enomqondo ngaso. Kodwa, indoda eyayenza umsebenzi, sayenelisa kakhulu yaze yasishaya. Nomaka kuso wasenza sibe uphisi wobuciko odlula konke kimi, ngoba sabonisa ngokuphelele okwakusengqondweni yakhe ukuthi uMose ufanele ukubukeka enjani.

50 O, ngama lapho. Ngadinga ngithi ukusuka imizuzu embalwa, ukucabanga ngokuthi—ngokuthi lokho kufanele ukuthi kwakuchazani kuyo, no—nokuthi kwakuchazani kimi ngalesosikhathi. Sekuyafika-ke emqondweni wami, ngalokhu engifuna ukukhuluma ngakho kini.

51 Asiguqule manje imicabango yethu kuMichelangelo, siye kuMqophi omkhulu wemifanekiso, uNkulunkulu uSomandla, Owathi, ekuqaleni, lungakabibikho usuku noma ukuntwela kosuku, singakabibikho isithako semvelo esincu iatomu noma imolekulu. UNkulunkulu, emqondweni waKhe, wayenomuntu, ukuthi umuntu ufanele ukubukeka kanjani, ukuthi ufanele abe yini, nokuthi ufanele aziphathe kanjani. Futhi Wayefuna ukuba lowomuntu abe yingxenye yaKhe, "Ngakho Wenza umuntu ngomfanekiso waKhe uqobo, nangokufuza uNkulunkulu Wadala umuntu," o, ngenkathi uNkulunkulu, ekuqaleni, enza lophisi wobuciko odlula konke, into eyabonisa imicabango yaKhe.

52 Khumbulani, sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, nawethu . . . ngisho namagama ethu nemicabango yethu kwakukuNkulunkulu singakabibikho isisekelo sezwe. Ngoba manje sinokuPhila okuPhakade. Futhi ukuba yilokho, sifanele sibe yingxenye kaNkulunkulu. Ngakho sifanele sibe kakhulu impela emicabangweni yaKhe, ngokuba sinokuPhila okuPhakade, futhi samiselwa ngaphambili kulokhu kuphila. "Namagama ethu afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe," ngokweSambulo. Manje, ukuthi uNkulunkulu wayenathi ekucabangeni kwaKhe, manje-ke sinokuPhila okuPhakade, ngoba ngaleyonkathi Wasikhuluma thina, sasesibakhona. Nezwi lingumcabango obonakalisiwe nje. UNkulunkulu wayenathi, ekuqaleni, emicabangweni yaKhe.

53 Manje, futhi ngenkathi enza uAdamu, lowomuntu wokuqala, kwakuphelele kanjani. Wayebukeka njengoNkulunkulu. UNkulunkulu, uMoya oNgcwele omkhulu, ufukamela phezu komhlaba, futhi U . . . kuphuma izinyoni, mhlawumbe, nezilwane, izinto ezehlukene, futhi kulokhu kuza kakhulu esimweni saLowo owayefukamela. Kwaze kwathi, ekugcineni, nakho kwenyuka uhlobo nje olufana ncamashi naLowo owayenza ufukamela, uNkulunkulu. UNkulunkulu wa, noma . . . Umuntu wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, kwase kuthi-ke, ngenkathi Embeka kulensimu enkulu. NjengoMichelangelo ubeke umsebenzi wakhe omkhulu wokuphila, nabobonke abaqophi bemifanekiso abakhulu; uNkulunkulu wabeka umsebenzi waKhe wezandla ensimini yase Edeni, wamenzela umsizi. U—u—ukweneliseka okuphelele kanje pho okwakukhona kuNkulunkulu, waze ngisho Waphumula. Kwakungukuphumula nje. Umsebenzi waKhe wase uqediwe.

Manje-ke sekufika, indaba edabukisayo yesitha.

54 Manje qaphelani. Lento eyodwa engifuna niyikhumbule, ukuthi uNkulunkulu wanikeza lomuntu isivikelo, Wamnika. Wamqinisa ngaphakathi kweZwi laKhe, ngoba Wabatshela ukuthi yini ababefanele bayenze, ukuthi yini ababefanele bangayenzi.

55 Nalokho yizisekelo ezifanayo esihlezi phezu kwazo namhlanje, ukuthi yini esingayenza, yini esingeyenze. Akunandaba ukuthi silunge kangakanani, ukuthi siya kangakanani esontweni, noma senze *lokhu*, sifanele sizalwe ngokusha. Niyabo? Kufanele kube njalo.

56 NoNkulunkulu watshela uAdamu ukuthi yini ayengayenza nokuthi yini ayengeyenze. Wambeka emva kweZwi laKhe.

57 Kwasekuthi-ke isitha sangena, ngokudukisa, futhi sagaqa sadabula ezindongeni zeZwi likaNkulunkulu, ngoba umnyango wavulelwa sona, futhi sawona lowomfanekiso, esonweni. Leyo ngenye yezindaba ezidabukisa ukwedlula zonke.

58 Ukucabanga, ukuthi umuntu owayenziwe ngomfanekiso woMdali wakhe, futhi wanikwa udonga ukuba ame emva kwalo, ukuthi leloZwi lalingenakwehluleka neze. Lelo yi—lelo yithemba lamaKristu. Liyisihlangu sakhe—sakhe. Liyizikhali zakhe. Liyidwala lakhe namhlanje, ngukuthi, hlala emva kweZwi; lonke ikholwa.

59 Manje, awufanele neze ukusuka emva kwaleLo. Uma usuka, wena, uvula umnyango esitheni, uma bethi, "O, awu, ungenza okuncane kwa*lokhu*, nokuncane kwa*lokho*." UNkulunkulu ufuna wena ukuba uzehlukanise nakho konke okuthiwa isono. Ngokuphelele uzibekele Yena, futhi Yena kuphela.

60 Unenhloso empilweni yakho, umuntu ngamunye, ukuthi akekho omunye ebusweni bomhlaba ongathatha indawo yakho. UNkulunkulu unento ethize yakho. Wenziwe kanjalo. Wenziwa ngaleyondlela ngenhloso. UNkulunkulu uyazibusa emsebenzini waKhe. U ngisho . . . Izinto zehlukile. Sehlukile, omunye komunye.

61 Siyaqaphela empilweni yesilwane. Siyathola, empilweni yesilwane, sinye isilwane, uNkulunkulu wenza isilwane somthwalo, njengehhashi, futhi—futhi limele lisebenze. Nenkomazi ingumhlatshelo. Futhi, kodwa, i—ibhubesi nengwe kuzulazula ehlathini ngaphandle kwanoma yikuphi ukusebenza kanzima nanoma yini. Wenza isilwane esikhulu njengendlovu, wabe-ke esenza umfo omncinyane njengegundwane. Manje, ubani olapho ukuba atshele uNkulunkulu ukuthi akenzeni nokuthi akwenze kanjani na? Ukwenza ngendlela yaKhe uQobo.

62 Futhi Wenza izintaba. Wenza izingwadule. Wenza i—izilwandle. Wenza amathafa. Wenza uhlobo olulodwa lwesihlahla, ukhuni olulukhuni, isundu, no—nokunye nokunye. Uyakwenza.

63 Wenza abantu abehlukile. Usipha, ngamunye, indawo ehlukile. Nesihlahla sesundu singeke neze saba isihlahla ihikhori. Isihlahla ihikhori singeke neze saba isundu. Akukhomuntu ongathatha indawo yakho, futhi awufanele ukuzama ukuthatha indawo kanoma ubani omunye. Ngoba, ungumuntu ngamunye, kuNkulunkulu, noNkulunkulu unenhloso ngawe. Wakwenza kanje. Wena uthi, "Wakwenzelani na?" Uyazibusa. Unesizathu sakho kube ngaleyondlela.

Kodwa sithola ukuthi sonke sigadwa yiZwi.

64 Ezulwini, sibuka imizimba yasezulwini. IBhayibheli lithi ngisho nenkanyezi eyodwa iyehluka kwenye. Kunenkanyezi iSirius nezehlukile. NoMars noJupiter, zonke lezo ezehlukile, ziyehluka enye kwenye. Ilanga lehlukile enyangeni, nenyanga ezinkanyezini. Futhi kuneziNgelosi, njengokuthi nje, kunamaSerafi namaKherubi, neziNgelosi neziNgelosi ezinkulu, e—emazingeni. Futhi ngisho nasezweni elisha elizayo, amakhosi omhlaba aletha udumo lwawo emzini.

65 Siyohlala njalo singaleyondlela. Ngoba, uNkulunkulu akasiyo iSears neRoebuck Harmony House. UNkulunkulu ungowezinhlobonhlobo. Wenza oyedwa ngendlela eyodwa, nomunye ngenye. Kodwa sifanele siMkhonze ngendlela uNkulunkulu asenza ngayo, futhi sijabule, futhi sihlale emva kweZwi laKhe. Futhi yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo.

66 Kodwa uma sithola ukuthi isitha sangena ngaleloZwi, kulokhu, umsebenzi wezandla kaNkulunkulu, sawona. Futhi yilokho impela esikwenzayo manje. Singena isinyelela ngalowomsebenzi wezandla, isitha sinjalo, sizama ukusenza uMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Nomuntu u . . . Ngani, umuntu akakwazi ngisho ukuvumelana nomunye, sizowenza kanjani umhlaba wonke ukuba uvumelane nomuntu na? Futhi ngokushesha nje uma wenza lokho . . .

67 SinoYedwa esifanele sigcine sinokuzwana naye, lowo nguNkulunkulu. "Futhi ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." NeZwi lihlala linguNkulunkulu, futhi njalo liyoba nguNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu useZwini. "NoLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu," uMuntu weNdodana kaNkulunkulu.

68 Manje siyathola, ukuthi, emva kokuba Esethole lokhu ukonakalisa okukhulu. Kwakubukeka sengathi, ukuba kwakunguwe nami, futhi sasiyobeka sonke lesosikhathi nomzamo, sasiyoyikhahlela into igumbuqele futhi siyiyeke ihambe kanjalo. Kodwa, hhayi uNkulunkulu. Wayengathandi ukudedela umsebenzi waKhe ukuba uhambe ube yincithakalo. Lolo wuthando lukaNkulunkulu. Akumangalisi imbongi yathi:

> Ukuba thina ngoyinki besingagcwalisa ulwandlekazi,
> Nezibhakabhaka zenziwa ngephepha lesikhumba okulotshwa kulo;
> Nasosonke isiqu emhlabeni silusiba,
> Nawowonke umuntu engumbhali ngomsebenzi;
> Ukuloba uthando lukaNkulunkulu ngaphezulu
> Kungamunca ulwandlekazi lome;
> Noma umbhalo ogoqwayo ungaqukatha konke,
> Noma kweluleke kusuka esibhakabhakeni kuye esibhakabhekeni.

69 Niyalubona uthando lukaNkulunkulu! Emva kokuba umuntu esewile futhi ngamabomu wavula umnyango esitheni, futhi siyangena futhi samona, futhi sabeka ukufa phakathi kuye, noma kunjalo uNkulunkulu wayengathandi ukuba lokhu kwehlulwe. Wehla wayesephinde eqala konke futhi. Wayezokwenza lowomuntu futhi.

70 Wabeka uAdamu esivumelwaneni, "Yenza *lokhu*, futhi hhayi *lokhu*; *lokhu*, futhi hhayi *lokho*; ungathinti, ungaphathi, unganambithi."

71 Kodwa siyathola, ngenkathi Eqala futhi, Waqala ngo—ngoAbrahama. Futhi kuAbrahama Wamqala ngesivumelwano esingenambandela. Hhayi ukuthi "uma uyokwenza." "Nginakho. Sengivele ngikwenzile. Ngikubusisile, wena nenzalo yakho, kanjalonjalo, emva kwakho." Kwakuyisivumelwano esingenambandela. Waqala ngoAbrahama, umsebenzi wezandla zaKhe futhi, futhi manje ngesivumelwano saKhe esingenambandela. Manje-ke, uma sithola, Wasekela kuAbrahama futhi umnika isivumelwano, esingenambandela, ngesithembiso.

72 Wayesefika-ke kokhokho, sifika ngokulandelayo, eTestamenteni eLidala, njengoba sehla. Lapha Waveza obala isisekelo somsebenzi waKhe. Manje sinoAbrahama, uIsaka, uJakobe, uJosefa; okhokho abane.

73 Manje, uAbrahama wayemele umsebenzi wokukholwa, ukukholwa, ngoba uAbrahama wayengukukholwa. Wayenokukholwa okukhulu, ngoba, "Akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa." Lapho, besingathi, "ukufika emnyombweni," nayoyonke into imelene naye, wayelokhu ebambelele kuNkulunkulu.

74 Manje-ke sinoIsaka, owayeyindodana ethandekayo, owayemele uthando. Ngoba, uAbrahama eyisifanekiso sikaNkulunkulu, njengoba uIsaka wanikelwa, uGenesisi 22. Sithola ukuthi wathwala izinkuni wenyuka igquma. Futhi yonke into yafanekisa uKristu, yaMbikezela. Kwase-ke kufika inqama futhi yanikelwa esikhundleni sakhe.

Manje lokho kwakungukholwa, uthando.

75 No*Jakobe*, okuchaza "umqineli," nalowo ngumkhohlisi. Futhi siyaqonda ukuthi impilo kaJakobe ngempela yayimele umusa, ngoba kwakungumusa kaNkulunkulu, ngasosonke isikhathi, unoJakobe.

76 Manje-ke kufika uJosefa. Akukho lutho olumelene noJosefa. Wayengophelelisiwe. Umprofethi kaNkulunkulu owavela phakathi kwabafowabo. Futhi wazondwa, ngaphandle kwesizathu, futhi wathengiswa. Futhi ngandlela zonke, impilo yakhe yabikezela impilo kaJesu Kristu. "Weza kwabaKhe uqobo, abaKhe uqobo abaMemukelanga." NjengoJosefa wazondwa ngabafowabo, waphoswa emgodini, bethi ufile; wakhishwa, waphakanyiselwa ngakwesokunene sikaFaro. Futhi ngenkathi esuka esihlalweni sobukhosi, bashaya icilongo, yazini, onke amadolo ayeguqa, nakuJosefa.

77 Sithola ukuthi uJesu wathengiswa cishe impela ngenani elifanayo uJosefa athengiswa ngalo. Wakhishwa e—emgodini; futhi wenyukela eZulwini; uhlezi ngakwesokunene

sikaNkulunkulu. Futhi uma efika Evela kuleyoNdawo, "Icilongo liyokhala, onke amadolo ayoguqa, nazozonke izilimi ziyoMvuma," ukuphelela.

Lokho kwakungukukholwa, uthando, umusa, nokuphelela.

78 Manje-ke kufika umsebenzi womzimba, walomfanekiso omkhulu oqoshiwe. Wenza umsebenzi womzimba ngabaprofethi. Abaprofethi kwakungumsebenzi womzimba.

79 Kwasekuthi-ke ekugcineni kwafika inhloko yalomzimba omkhulu, eyayinguKristu uqobo lwaKhe. Bonke abaprofethi babeMusho ngaphambili. Wonke umsebenzi wesisekelo wawuMusho ngaphambili. Kusuka le ensimini yaseEdeni, kusuka kuso impela isikhathi Aqala ngaso, "Ngizakubeka ubutha phakathi kwenzalo yakho nenzalo yenyoka enobuqili." Futhi sithola ukuthi Waqala lapho, futhi wenyukela ko—kokhokho wangena kubaprofethi, futhi uphuma lapho. Kanye futhi Ubone ukubonakaliswa kwaKhe uqobo, ngenkathi umuntu oyedwa ezalwa emhlabeni, esizalweni sowesifazane, lowo kwakuwuPhisi wobuciko odlula konke kaNkulunkulu. KwakuyiNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu. Isizathu sokuthi Wayenguye, ngoba WayeyiZwi ngokuphelelelyo.

80 "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi yenguNkulunkulu. NoLizwi wenziwa inyama wakha phakathi kwethu."

81 Manje siyabona kubonakaliswa kuYe uphisi wobuciko odlula konke ophelele. Wayephelele kakhulu, njengoNkulunkulu, waze Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikholwa. Noma Ngi . . . Ningeke naNgikholwa na? Kholwani yimisebenzi, ngokuba ifakaza ngami kini, ukuthi Ngingubani." Ngiyakuthanda lokho. Niyabo? Wathi, "Uma ningaNgikholwa . . . "

Bathi, "UnguMuntu, uzenza olingana noNkulunkulu."

82 Wathi, "Uma ningenakuNgikholwa, kholwani imisebenzi eNgiyenzayo. Futhi uma Ngingayenzi imisebenzi yaKhe oNgithumile, khona-ke aninalungelo lokuNgikholwa."

83 Kanjalo bekufanele onke amaKristu, namhlanje, ukuba abe nalobubufakazi obufanayo. Uma kuleliZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe, uma izimpilo zethu zingakufaneli futhi zihlangane ncamashi nokwashiwo yiZwi, khona-ke asinalungelo lokuzibiza ngamaKristu uma singazelwe ngokusha. UJesu wathi, kuMarku 16, "Lezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo." Niyabo? Hhayi ukuthi "banga; bebefanele; mhlawumbe bayokwenza." Bayokwenza. Lowo nguMqophi wemifanekiso owasenzayo. Lelo yiBandla eligwedwe lakhishwa. Lowo ngu—nguMzimba kaKristu.

84 Manje sithola ukuthi kwaMbonakalisa ngokuphelele. KuMqophi wemifanekiso manje wayeneZwi libonakaliswa

oPhisini wobucikho odlula konke futhi, obizwa ngeNdodana yaKhe, uNkulunkulu, uEmanuweli. Cabangani nje, lokho, umuntu ezinikele kakhulu uNkulunkulu waze wazikhomba Yena phakathi lapho, kulowomzimba, futhi Waba . . . Yena noNkulunkulu babamunye. "Mina noBaba waMi siMunye. UBaba waMi uhlala kiMi. Ngenza njalo okuthokozisa uBaba."

85 Ukuba-ke umKristu namhlanje ubengaba nobufakazi obunjalo na? Ubuzoba nguphisi wobuciko odlula konke khona lapha eYuma, estaladini. Uma ungowesifazane owashayo phandle lapho emva kwebhavu lokuwashela, usalokhu uba nguphisi wobuciko odlula konke kuNkulunkulu, uma ungathi, "Ngenza lokho njalo okuthokozisa uNkulunkulu," nomhlaba wonke ungawubona u—umsebenzi kaJesu Kristu ubonakaliswa kuwe.

86 Kuyashiwo, ngesinye isikhathi, igolide elidala, ngaphambi kokuba babenesincibikalisi. I . . . Babevame ukuthatha igolide futhi balishaye, umshayi wayelithatha, amaNdiya ezinsukwini zasekuqaleni ngenkathi iArizona isesebusheni bayo. Ashaya igolide umshayi aze azibone yena uqobo egolideni. Ashaya wonke umtapo okhipha insimbi wensimbi, amanyela, ukungcola, kuphume kulo, umshayi aze akwazi ukuzibona yena uqobo njengesibuko, eshaya ekhipha.

87 Manje, lenza lokho-ke iVangeli. Abantu abaningi kakhulu abafuni ukuphenduphendulwa futhi bashaywe bakhishwe. Awu, okudingwa yibandla kulobubusuku ngokuhle, ifeshini endala, ukushaya kukaMoya oNgcwele ukhiphe, okwezwe nezinto zezwe. Yilokho iPhentekoste ekudingayo kulobubusuku. Yilokho izinhlangano zethu ekudingayo kulobubusuku, ngokuhle, okuyifeshini endala, ukushaya kokuphendula igolide, kuze kuthi lonke izwe lishaywe likhishwe kithi, noJesu Kristu abonakaliswe.

88 Ake ngibe nalababantu abayimbijana phakathi lapha kulobubusuku, ngokugcwele benake uKristu, nempilo yabo inikelwe kuKristu. Ngingenza okuningi ngalembijana, noma uNkulunkulu angenza okuningi, njalo, ngalembijana yabantu lapha, kunoma ubungenza ngawo wonke uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, ngaseMbusweni kaNkulunkulu. Umuntu oyedwa ezinikele ezandleni zaKhe ngokugcwele, yilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo.

89 Kodwa, niyabo, asivumi ukulala sithule futhi sidedele Yena ashaye *lolu* hlangothi, *lolo* hlangothi, ashaye akhiphe *lokhu*, ashaye akhiphe *lokho*, ashaye akhiphe *lo*mqondo, na*lokho*, futhi adedele uJesu Kristu abonakaliswe kithi. Sibona amabhayiskobho amaningi. Sinamathelevishi amaningi kakhulu. Sinezinye izinto eziningi kakhulu zokuzijabulisa zezwe, ibandla selize lalahlekelwa ukunambitheka kwalo

kubantu. Yingoba uMoya oNgcwele uyaphuma, nenye into ethize ingene. Kunjalo, bangani.

90 Ngizwa izimfakazo, amaPhentekoste ayimfashini endala, ukuthi ayeba kanjani nemihlangano yemikhuleko ubusuku bonke gulukunqu. Obaba bethu nomama, amashumi amane, iminyaka engamashumi amahlanu eyadlula, bakhuleka ubusuku bonke gulukunqu. Abantu babebazonda, emgwaqeni. Futhi siyacabanga, namhlanje, uma wonke umuntu engasimbambathi ehlombe, ngani, kukhona okungalungile ngathi. "Maye kini uma bonke abantu bekhuluma kahle ngani." Wedelelwa futhi wenqatshwa ngabantu, futhi singumfanekiso waKhe. Amen.

91 Esikudingayo namhlanje ngeminye yangempela, imihlangano yemikhuleko yangoqobo, okunye ukuhlanzisisa, kusuka le epulpiti kuya kumlindi-mnyango, yonke indlu ukuba ihlanzisiswe, nguNkulunkulu, ushayisiswe, ubonakalise uMfanekiso woMshayi, iVangeli lishunyayelwa ngamandla okuvuka kukaKristu. Kunjalo.

92 Lelivangeli elincane lenhlaliswano esinalo sihambisana nalo, futhi simbambatha *lo* ehlombe, futhi senze *lo* abeyidikoni, na*lowo* abe yigosa, noma enye into efana naleyo, kokubili ezombusazwe. Ngabe kwakuyilokho impela okwenzeka eNayisiya eRoma na? Sifuna ukusuka kulezozinto. AmaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, nawo onke, sifanele sisuke siphume kulokho.

93 Ezombusazwe azisizo ezeBandla. UMoya oNgcwele uzoweza iBandla, futhi hhayi ivoti lezombusazwe ukuthi ubani owubani. "UNkulunkulu wabeka ebandleni abanye abaphostoli, abanye abaprofethi, nabanye abefundisi, nabavangeli, nabelusi." Akusibo abantu ababavotele ukungena lapho. UNkulunkulu wababeka phakathi lapho, ngokubiza kukaMoya oNgcwele, imihlangano yemikhuleko, nokubekwa kwezandla, nokuhlala phambi kukaNkulunkulu.

94 Kodwa, namuhla, siyenze inhlaliswano yabantu inkolo yethu endaweni isize icishe impela ifane nezombusazwe, qobo lwayo, ukuthi sidlala kuwo onke awamahlelo ethu. Si . . . Omunye angeke akhomba omunye. Sonke sinecala. Phakathi lapho uthola abesilisa lapho bangokoqobo nabesifazane bangoqobo. Kodwa inkathazo, engicabanga ngakho, singena kakhulu o—ohlangothini lwabancane ngesibalo, abantu bangoqobo ofuna ukukholwa futhi ofuna amandla kaNkulunkulu. Kunabaningi kakhulu abangenisiwe nje ngokwesenzo senhlaliswano, "Awu, *lena* yindoda elungileyo. Ingumfo okahle."

95 Sinamabandla amahle. Sakha amabandla amahle, namabandla angcono kunoma sasivamise ukuba nawo. Lokho kulungile. Akukho okumelene nalokho. Ngithanda ukubona ibandla liphumelela.

96 Kodwa, mfowethu, ngiqoka ukulibona liphumelela emandleni eNkosi kunokuphumelela ezintweni zezwe. Buyela eVangelini futhi! Buyela emandleni kaNkulunkulu! Buyela emuva ephentekoste, i. . .njengoba elasekuqaleni lalinjalo. Kodwa, uyabo, inkathazo yakho ukuthi, asifuni ukuthatha lokho kushaya.

97 Ungasho into ethize ngento ethize, nento ethize engenasimilo ibandla eliyenzayo, noma—noma enye into yenhlaliswano, ngayo leyonkathi bayakwenqaba, bavale iminyango. Awukwazi ukungena, uyabo, ngoba banomhlangano futhi bakuvalele ngaphandle. Abasakufuni. Bathi, "Uyahlanya. Ulahlekelwe yingqondo yakho." Kodwa inqobo nje uma kungu ISHO KANJE INKOSI, lokho akunendaba kimi ukuthi noma ubani uthini. Kuthatha amandla kaKristu ukuguqula umuntu. Kuthatha amandla kaKristu ukugcina umuntu.

98 Futhi njengoba uJesu washo ngesinye isikhathi, "Bhekani iminduze. Futhi nokho Ngithi kini ukuthi uSolomoni, bonke okodumo lwakhe, wayengambathisile okowodwa." USolomoni, kukho konke okodumo lwakhe, kwakungukubonakala kobucwazicwazi. Akungabazeki. Wayeyinto enkulu ezweni, nomuntu omkhulu phambi kukaNkulunkulu. Kodwa ingubo ende kaSolomoni yayingenakuphila kuyo. Kwakuyisiqephu sempahla, mhlawumbe singundwe emhlane wemvu. Kodwa, umnduze wawunokuphila.

99 Esikudingayo namhlanje ngukuPhila kukaKristu ngaphakathi kithi. Yilokho okuhlambululayo; hhayi ingaphandle, ukhololo obhekiswe emuva, noma isiqu sesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, noma into ethize. Kuthatha amandla kaKristu ovukileyo ukusenza sibe yilokho esifanele sibeyikho. UNkulunkulu akanalo elinye icebo kunokudedela uMoya oNgcwele uphathe futhi ubuse eBandleni.

100 O, Nkulunkulu, Wayefana kakhulu impela emfanekisweni kaNkulunkulu, kwaze kwathi Yena noNkulunkulu babaMunye. "Mina noBaba waMi siMunye." O, he! Ukuphila okunje pho okwakuyikho, ukuba uNkulunkulu ahlale kangaka kuYe, ukuthi konke ukuphila kwaKhe kwakusongelwe kuNkulunkulu. Akumangalisi kwakuwuphisi wobuciko odlula konke!

USathane ufika kuYe.

101 Njalo uNkulunkulu wayecabanga ukuthi Wayenophisi wobuciko odlula konke, uSathane wangena. Wangena phakathi kuMose, wayesephula imiyalo. Kodwa ngenkathi efika kuloPhisi wobuciko odlula konke, lokho kwakungukuzikhethela kukaNkulunkulu uqobo. Amen. Waye—WayeMaze phakade. Akumsizanga. Wahlala ngokwethembeka kuNkulunkulu, ngenkathi uNkulunkulu eMbuka futhi wabona ukuthi Walingwa izinsuku ezingamashumi amane ehlane, njengoMose. Kusobala, onke lawomadoda aMbikezela. Umthetho wephulwa. Kodwa

ngenkathi efika, uSathane, umlingi omkhulu, wazama ukuMlinga, wathola ukuthi akamtholanga uMose lapho. Qhabo, mnumzane. Wazithela emandleni kagesi ayizinkulungwane ezinhlanu ahangula izimpiko zakhe ngenkathi egxumela kuLowo.

102 "Kulotshiwe," Washo. Niyabo? UAdamu wathatha wehla. Kodwa, uJesu, uAdamu wesibili, lowoPhisi wobuciko odlula konke owawufikile, ukuba ube nguMhlengi, Wathi, "Kulotshiwe, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.'" Lapho WayenoPhisi wobuciko odlula konke. Yebo, mnumzane. Washo enye into. Wathi, "Kulotshiwe futhi, 'Ungaboyilinga iNkosi uNkulunkulu wakho.' Suka, Sathane." Nanko uPhisi wobuciko odlula konke wawulapho. Wenzani na?

103 Hhayi ukuthi, "Ngizolitshela ibandla lami. Ngizoba namagosa ukwenza *ukuthi-nokuthi*. Umbhishobhi uzokwenza *ukuthi-nokuthi*."

104 Wathi, "Kulotshiwe." Yilokho Abeka uAdamu waKhe wokuqala ngemuva, futhi wawa, noSathane wakonakalisa. Kodwa wayengeke amonakalisa Lo, noma ngabe wayenzeni. Ngangokuthi, waze wa . . .

105 UNkulunkulu wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo. Yizweni. Yonke into, Nginikela yonke into kuYo. Nina, Yizweni." BabeMunye. BabeNgofanayo. UNkulunkulu wayehlala kuYo, eYenza uNkulunkulu, uEmanuweli, emhlabeni. YayiyiWundlu eliphelele, o, uPhisi wobuciko odlula konke ophelele wokuhlengwa. Kwamthokozisa uNkulunkulu, ngaleyonkathi, njengoMichelangelo nje, Waba nogqozi kakhulu ngempilo yaYo. Sithola e . . .

106 NginemiBhalo ebhalwe phansi lapha. UMarku 9:7, uma nifuna ukukufunda. Ngenkathi . . . YiNtaba yokuPhenduka esinye isimo. Ngenkathi Iphezulu le eNtabeni yokuPhenduka esinye isimo, sithola ukuthi lapho kwabonakala uMose, futhi lapho kwabonakala uElija.

107 Bese kuthi-ke, into yokuqala niyazi, umphostoli uPetru waba nogqozi kakhulu, waze wathi, "Masakhe amadokodo amathathu lapha. Sizovele nje senze izinhlangano ezintathu ngale. Sizokwenza amahlelo amathathu: elinye likaMose, elinye likaElija, nelinye laKho."

108 Esakhuluma, kwavela iphimbo kulelofu. Lathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo. Ngithokoze kakhulu ngaYo, NgizoYishayela nina. Yizweni. Izokhuluma."

109 "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Yachotshozwa ngobubi bethu." YayiyiWundlu, iWundlu likaNkulunkulu, uMhlatshelo ophelele. Akukaze kubekhona muntu owaphila njengaYo, akukaze kubekhona muntu osewake waphila

njengaYo. YayiwuPhisi wobuciko odlula konke ophelele, yafanelana neZwi likaNkulunkulu ncamashi.

110 UNkulunkulu ekuqaleni unikeza iZwi laKhe, ingxenye ya*le*ngxenye yesikhathi, ya*le*ngxenye, ya*le*yongxenye.

111 Yilapho abantu bedukiswa khona kakhulu futhi bedideka namhlanje. Bazama ukwakhela phezu kwento ethize eyenzeke emashumini amane, amashumi amahlanu eminyaka edlule. Si . . . Lokho, lokho kwanikezelwa lowomnyaka.

112 Kwakuyosiza ngani kuMose ukuba afike no—nomlayezo kaEnoke na? Kwakuyosiza ngani ukuba uMose afike no—nomlayezo kaNowa na? Kwakuyosiza ngani ukuba uJesu afike no—nomlayezo kaMose na? Niyabo? Futhi kwakuyosiza ngani ukuba uWesley afike nomlayezo kaLuther na? Kwakuyosizani ukuba iPhentekoste lifike nomlayezo kaWesley na? Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

113 Konke kwabelwe phandle lapha eBhayibhelini, futhi sifanele sazi unyaka nehora, nokuthi kuyini okungokwethu. Futhi yilapho esehluleka khona namhlanje. Sifunda yonke into ngaphandle kweBhayibheli. Yilolusuku esifanele ukuphila kulo. Yilolusuku uNkulunkulu asibeke kulo lapha. Asibuke eZwini.

114 Behluleka kanjalo ukubona uJesu; labobaFarisi, nabaSadusi, bakaHerodi. Izinhlangano ezehlukene zalolosuku zazinakho kulungiswe kahle, futhi kulungiswe ngokuphelele kahle, kwakungekho-ndlela yokuphunyuka, bacabanga. Kodwa ngenkathi Efika, ngokoqobo Wa . . . Wayehlukile kubo bonke abakucabanga. Wayengomncane, uMfo othobile owazalelwa emkhombeni, ne . . . ethathwa njengoMntwana ozalwe ngaphandle komshado, nazo zonke lezizinto kanjalo.

115 Kodwa, nokho, Ufika ncamashi ngendlela umBhalo owathi Wayeyofika ngayo. Futhi babejwayele kulokho okwashiwo uMose, noMose wakhuluma ngaYe. Wathi, "Awu, uma benimazi uMose, beniyakungazi naMi. UMose wakhuluma ngaMi." Futhi noma kunjalo abakwazanga ukukubona. Nje besonteke kakhulu emasikweni abo, baze abangakwazi ukukubona. Kodwa, niyabo, Akezanga ukuzobonakalisa lezozinhlangano zalolusuku. Akezanga ukuzobonakalisa inkolo yehlelo.

116 Wezela ukuzobonakalisa uBaba, noBaba wayeyiZwi. Amen. Manje ngizizwa ngigcwala inkolo. Wezela ukuzobonakalisa iZwi likaBaba. UNkulunkulu wathi Wayezoba lapho, futhi nango Wayelapho, uPhisi wobuciko odlula konke ophelele womsebenzi omkhulu wezandla kaNkulunkulu. O, he! Wayengukubonakalisa okuphelele kwaKhe. Wabonakalisa yonke into u—uNkulunkulu ayekhulume ngayo. Wabonakalisa lokho uAdamu akusho ngaYe. Wabonakalisa ngakho konke abaprofethi abakusho, ngakho konke okhokho abakusho. Yonke into Ayisho, Wayengukugcwaliseka kweZwi. Zonke izifanekiso kwagcwaliswa kuYe. Ya. Waba nguJehova

weTestamente eLisha. WayenguJehova weTestamente eLidala. "IZwi ngaleyonkathi," okwakuyiNsika yoMlilo, "labonakaliswa futhi wakha phakathi kwethu." UJehova weTestamente eLidala waba nguJesu weTestamente eLisha. Wayengukubonakaliswa kukaNkulunkulu okuphelele.

117 O, ukuba iBandla namhlanje belingabonakalisa nje leloBandla lokuqala, ngenkathi uMoya oNgcwele wehla ngoSuku lwePhentekoste! Ukuba umKristu namhlanje ubengabonakalisa! Siyisigejane esibhasteliwe, kulokho ababeyikho.

118 Ngedlulile, ngiza namhlanje. Bengibukela, ngiza ngehlela lapha, ngenye yalamaCasa Grande amancane, noma ezinye zalezizindawo ezincane lapha. Ngiqaphele ukuthi bekukhona i—iplazi likakotini, noluseni ohlukene. Babefanele babeneziphampo zamanzi amawindimili lapho, ukuphampa amanzi, ukugcina lokho kuhamba. Ngani na? Akusikho okwalapho. Impela akusikho. Kodwa, bukani umdolofiya omdala, belingeke line iminyaka emihlanu futhi ubungaphila. Futhi wehluleke ukubeka amanzi kulowo izinsuku ezimbalwa, futhi uyofa. Niyabo, awusiyo into yasekuqaleni.

119 Yileyondlela esiyiyo. Simelwe sitotoswe, futhi senze izikhulu ezinkulu ebandleni, futhi sambambathwa, futhi sabizwa nga *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*.

120 Awu, lawomaKristu asekuqaleni ayemahhadlahhadla. Ayengakhathali ukuthi ubani owayewambambatha emhlane. Ayebonakalisa uJesu Kristu, kakhulu impela, ngangokuthi bathi babewathatha ngokuthi a . . . Ayengazi lutho futhi engafundile. Awayanga esikoleni esiphakeme, futhi ayengenaso isiqu sasekholeji. "Kodwa bawazi ukuthi ayekade enoJesu." Yilokho akudingayo, amaKristu namhlanje, ukukwazi ukuthi kade unoJesu. Kukhona okuthize ngawe, okwehlukile. Ngiyazi lokho aku . . . Lokho kuyinto engathandwa ngabantu ukuyisho, kodwa asifuni khona ukuthandwa ngabantu. AmaKristu awafuni yona into elula.

121 Udade omdala ebandleni lami eminyakeni eyadlula, wayevamise ukuma bese ecula iculo.

> Ngimele ngiyiswe ekhaya eZulwini ngombhede onezimbali wentokomalo yini,
> Kanti abanye balwa ukuba bazuze umklomelo futhi bagwedla badabula izilwandle ezinegazi na?
> Qhabo. Ngimelwe ngilwe uma ngimele ngibuse.

122 Ucabanga ukuthi wawuyokwenzani ukuba wawulapha nayo yonke into yayimelene noJesu Kristu, ukuba wawuphile ezinsukwini zaKhe. Uphila lapho, mfowethu, dadewethu. Kunjalo. Useyilo iZwi. Bukani ukuthi baLinyathela kanjani

namhlanje. Bukani ukuthi bazama kanjani ukuLihlela, futhi baLihlanganise, nayo yonke into kanjalo, nezwe. Yimani nithi qekelele. Thathani esenu—thathani esenu isinqumo sokumela uJesu Kristu neZwi laKhe. Ningavumeli lutho luvimbele lokho. Hlalani naLo ngqo.

123 Njengendoda endala yelondolo engumShayina, wayevamise ukuza la eArizona naseCalifornia, eminyakeni eyadlulayo. Yayingakwazi ukubhala nelilodwa igama lesiNgisi. Kwakul'khuni ukuthi isazi. Uyisa ilondolo yakho kuyo. Uyazi ukuthi yayenzani na? Yayineziqephu ezincane zamaphepha, kungabhalwe lutho kulo nhlobo. Yayivele nje idabule lesosiqephu sephepha bese ikunika isiqephu esisodwa. Uma usubuya, leso siqephu sephepha sasifanele sifanelane nesiqephu sayo sephepha, kungenjalo wawungayitholi ilondolo yakho. Lokho sekungcono kakhulu impela. Wawungakopisha igama, kodwa awuzukuyenza isilima lapho, ngoba lesosiqephu sephepha sifanele sifanelane ncamashi nesiqephu sayo sephepha.

124 Yileyondlela uNkulunkulu enza ngayo isivumelwano saKhe futhi. Isehlakalo sethu asifanele ukuba sifanelane nesivumokholo esithize, umbhedesho othize, ihlelo lebandla elithize, kodwa sifanele sifanelane neZwi likaNkulunkulu, uJesu Kristu. Kunjalo. Uma siza kuKristu, khona-ke uKristu usibiza ngabakhe. WaMdabula waba kabili, eKalvari. Ingxenye yakho Wayiphakamisa, nokuthi ihlale ngakwesokunene saKhe, okwabe kungumzimba. UMoya, Wafika, wabuye wathunyelwa lapha ukuMenzela uMlobokazi. Nalesosehlakalo esifanayo esasikuKristu sizofanele sibe kithi.

125 Waye—Wayephelele kakhulu ngokoqobo waze Wathokozisa uMqophi wemifanekiso, futhi waMphefumulela kakhulu ngangokuthi waze WaMshaya eKalvari. O, he! Manje siMbona njengoba kwasho umBhalo, uphisi wobuciko odlula konke kaNkulunkulu. "SiMbona eshayiwe, elimele, futhi ehlushwe nguNkulunkulu." Nanko uphisi wobuciko odlula konke wangempela. Njengo'Angelo ashaya owakhe, yilokho okwenza . . .

126 Ukuba nje Wayephile impilo enhle, Wayeyoba njengabanye babantu abashumayela ivangeli lenhlaliswano namhlanje, "Wayengumprofethi." Wayengumprofethi, kodwa Wayedlula umprofethi. WayenguNkulunkulu. WayenguEmanuweli.

127 Futhi manje okwaMenza impela, kimi, abe ngu—nguPhisi wobuciko odlula konke kimi nakuwe, yingoba uNkulunkulu waMshaya. WaMshaya eKalvari. Ukuba Wayekade engashayiwe . . . Akundaba ukuthi bangaki abafileyo Ayebavusile, ukuthi wayekade Eshumayele kakhulu kangakanani, ukuthi impilo yaKhe enkulu yayinjani, ukuthi izisho zaKhe sasiyini, Wafakazeleka lapho. Wathokoza kakhulu,

uNkulunkulu wathokoza, waze Waba nguyena Muntu kuphela owake wama ebusweni bomhlaba uNkulunkulu akwazi ukumshayela bonke abanye. Lowo Ophelele washayelwa abangaphelele. Konke okudaliweyo okwakuwile, ngoAdamu, kwahlengwa ngoJesu Kristu. UPhisi wobuciko odlula konke kaNkulunkulu ukumele ukuvivinywa. Wakwenza Kanjani na? NgeZwi. "Kulotshiwe, 'Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.'"

128 O, mngane ongumKristu, hloma zonke izikhali zikaNkulunkulu. Ungameli emuva nomqondo omncane othize wesivumokholo esithize, noma into omi ngayo. Hloma izikhali zonke zikaNkulunkulu uma uyolwa ubhekene nesitha, njengoba kwenza iNkosi yethu. Yakhombisa ukuthi umKristu obuthakathaka kunabobonke angamehlula kanjani uSathane ngeZwi nje. Wayenamandla, Wayengamshaya uSathane noma ngayiphi indlela Ayefuna ngayo, kodwa Akayisebenzisanga. Wavele wathatha iZwi nje wayesemehlula ngaLo. "Kulotshiwe. Kulotshiwe." Ndawo zonke, "Kulotshiwe." Ngakho Wehlula uSathane ngeZwi likaNkulunkulu.

129 Manje, lowo kwakunguPhisi wobuciko odlula konke ophelele futhi uNkulunkulu wawushaya. Isibonelo esinje pho Owawuyiso! Into eyiyo ngempela kanje pho! Ukhuluma ngophisi kaMichelangelo wo—womfanekiso oqoshiwe ngapho, ngoMose eshaywe emlenzeni na? IBhayibheli lathi, "LoMuntu woniwa ngaphezu kwabobonke abantu. Woniwa kakhulu ngangokuthi Wayengabonakali ngisho efana nendodana yomuntu. Washaywa. Walinyazwa. Wayenegazi. Wahlutshulwa." Yena . . . Yonke into eyayingenziwa. Wayebukeka nje—njengenqwaba enkulu yeGazi namathambo, kuhamba ndawonye. Wayengabukeki ngisho efana nesidalwa esingumuntu, lapha Ehudula lokho phezulu eKalvari. UNkulunkulu waMshayela thina. Yilokho okuMenza uPhisi wobuciko odlula konke ophelele.

130 O, ngiMthanda kangaka, ngazi ukuthi Wangenzela lokho, ngazi ukuthi Wakwenzela lokho. Singaku—singakufanelisa kanjani na? Akekho owayengakufanelisa. Akukho muntu ofanele ukukufanelisa. Sasilapha singenathemba. Thina singenaNkulunkulu. Thina singenandlela yokuhlengwa. Sonke sizalwe ngokocansi, futhi nje sasifanele sikhokhe inhlawulo. Kodwa Wafika, Ophelele, futhi wayephelele kakhulu futhi ethokozisa kakhulu uNkulunkulu waze waMshayela nina nami.

131 Manje, cishe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, uNkulunkulu kade ezama ukuMsika abenguMlobokazi onguphisi wobuciko odlula konke, obizwa ngeBandla. Kunjalo. UNkulunkulu ukwenza kanjani na? Ukwenza ngendlela yaKhe engaguquki neze, iZwi. UNkulunkulu akayiguquli neze indlela yaKhe. Noma ubani, ungaguquka. Uyaguquka. Ngiyaguquka. Isikhathi siyaguquka. Izwe liyaguquka. Kodwa uNkulunkulu

akaguquki, Uphelele. Akaguquki. Futhi indlela Enza ngayo noma yini isikhathi sokuqala, Ukwenza ngasosonke isikhathi ngendlela efanayo.

132 Wasindisa umuntu ngesinye isikhathi ngoba waphenduka. Yileyondlela ayosindisa ngayo umuntu futhi. Waphilisa umuntu oyedwa ngoba wayenokukholwa. Uyophilisa olandelayo phezu kweziseko ezifanayo. Akayiguquli neze indlela yaKhe, ngoba, niyabo, Ungozibusayo futhi UngoPhakade. Ungongenasiphelo, osezindaweni zonke, owazi konke. UnguNkulunkulu. Futhi ngakho-ke Akadingi ukuba acele noma ubani ukuhlakanipha. Akadingi ukuba alinde aze Afunde okuningi. Akadingi isiqu esisha. Uphelele. Futhi noma yisiphi isiqu, futhi noma yiyiphi into Ayenza kuqala, isinqumo saKhe sokuqala sihlala sifana kuze kube phakade. Akusoze kuguquke. O, ngijabula kakhulu!

133 Futhi ngenkathi Enza uphisi wobuciko odlula konke wokuqala waKhe, Wawubeka ngemuva kweZwi. Ngenkathi Enza uPhisi wobuciko odlula konke waKhe wesibili, wawuyiZwi. Amen. WawuyiZwi; hhayi *emva* kweZwi. Kodwa, WawuyiZwi. UNkulunkulu akaliguquli neze icebo laKhe. Yilokho impela aqala uKwenza ngakho ibandla laKhe lokuqala, iZwi.

134 Manje, uNkulunkulu, uLizwi, ekuqaleni Wayengozimele kukho konke okunye, yonke enye into, bonke abanye abantu. Manje, angiqondile ukusho lokhu ukuba ngehluke. UNkulunkulu ungumehlukanisi. Niyakwazi lokho na? Ukhuluma ngokuhlanganiswa na? UNkulunkulu ungumehlukanisi. Impela uyakwenza. Wehlukanisa abantu baKhe nezwe. Wehlukanisa uIsrayeli, isizwe kaKhe. Uzama ukwehlukanisa ibandla laKhe nezwe, kodwa ibandla lifuna ukuqhubeka nezwe. Kodwa abantu baKhe usalokhu ehlukanisiwe, ehlukaniswe naYe. UnguBani na? IZwi.

135 Umuntu angaba kanjani nombhaphathizo kaMoya oNgcwele, noMoya oNgcwele waloba iZwi, nomuntu abenombhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi aphike iZwi na? Ungakwenza kanjani uMoya oNgcwele kuwe uphike iZwi laWo uqobo elakhishelwa nina na? Ngingekuqonde. Ufanele uvumelane neZwi. Futhi uma umoya wakho kuwe ungayikugcizelela zonke ezezithembiso zikaNkulunkulu ngo "amen," kukhona okungalungile.

136 Umfowethu Fred Sothmann noma omunye umuntu lapha kulobubusuku, ucaphunile, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." UyiZwi. Lelo, impela. Ufana njalo, niyabo, nomoya wakho uzofanele ugcizelele lokho ngo "amen."

137 "O, Yena, ngendlela eyodwa Unguye." Ngandlela zonke, Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

138 Manje siyaqaphela ukuthi uNkulunkulu uqala ukuMenza u—uMlobokazi kaKristu. Ngakho . . . NoMlobokazi ufanele

akhonjwe kanye naYe futhi abe kuYe, ngoba yingxenye yaKhe. Manje, uMlobokazi uyingxenye yaKhe. Uyingxenye yaKhe. IZwi lalolosuku, uMlobokazi uba yingxenye yaleloZwi, ngokuba nguKristu. Manje, niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sifanele sibe kuKristu. KuKristu, sifanele sibe abakaKristu, kuKristu, ingxenye kaKristu.

139 Uyini owesifazane, uma ethatha owesilisa, noma owesilisa ethatha owesifazane na? Lowo wesifazane uzofanele abe yingxenye yakhe. Abasebabili. Bamunye.

140 Futhi ngenkathi uNkulunkulu noKristu bebamunye, BabeMunye. Isizathu, uNkulunkulu wayeyiZwi, neZwi lenziwa inyama. Inyama neZwi babaMunye. Futhi nxa ibandla liba nguMlobokazi kaKristu, Yena namaVangeli bayafana.

141 Ungasho kanjani, ke ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule"? Ungasho kanjani, khona-ke ukuthi, "Akasuye izolo, namuhla, naphakade"? Ungasho kanjani ukuthi, "Lezozinto ingeyomphostoli noma umfundi, noma omunye umuntu ngolunye usuku," ube uyingxenye yaKhe na?

142 Ngenkathi, Ethi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka." Kanjani-ke ngeSambulo 22, ngenkathi Eseqedile ukuloba iNcwadi na? Wathi, "Ngiyafakaza ukuthi uma noma yimuphi umuntu oyokwenezela izwi elilodwa, noma asuse iZwi elilodwa kuYo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila."

143 Sizoza kanjani eZulwini, khona-ke, ukuba sithi, "Awu, ngikholwa *yilokhu*, kodwa angikukholwa Lokho"? Ufanele ube yiZwi eligcwele, ngokuba uyingxenye yaKhe. Uzama kanjalo-ke uNkulunkulu ukwenza iBandla laKhe namhlanje, hhayi ngesivumokholo. Futhi bazama ukusiphoqela kulokho, bafo. Ningakubona kuza. Isandla esilobayo sisodongeni. Akuzukuba kade kakhulu sizoze sibe yiBandla lomhlaba. Nalolonke ibandla lizofanele liwele kulokho ngqo, noma limele izimo. Awu, senikulungele ukumela lokho na? Kungcono ningakwenzi ngoba nje nicabanga ukuthi kuyinto efanele.

144 Kungcono nibe noKristu kini, ngoba leloZwi liPhakade, naleloZwi liyilokho okuyonivusa futhi. Niba yingxenye yaleloZwi. Nikhonjwa kanye neZwi.

Namhlanje, wena uthi, "NgingumKristu."

145 "Ungowaliphi ihlelo na?" Awu, lokho akuhlangene nangokukodwa nobuKristu.

146 Kulungile ukuba namahlelo. Angimelene nalokho. Kodwa, niyabo, ukuthi, yilokho abantu abayikho. Abantu abaningi bathi ngidiliza amahlelo, ngiyawakhahlela. Angikwenzi. Qhabo, mnumzane. Amahlelo, alungile. Kufana nje nezivumelwano ezisebenzayo, kumbe noma yini efana nalokho. Kodwa uma unamathela, ngoba uthi, "NgingumKristu ngoba ngisonta

ebandleni *elithize-thize*," lokho akusho lutho. Ufanele ube ngokaKristu, noKristu yiZwi. Futhi izikhathi eziningi lawomahlelo likude le eZwini njengoba iMpumalanga injalo kwiNtshonalanga.

147 Ufanele uhlale naleloZwi, ukuba ube nguMlobokazi. Uma ukuMlobokazi, useZwini, neZwi likuwe. NeZwi elabonakalisa uNkulunkulu ngoKristu, libonakalisa uNkulunkulu ofanayo ngawe. Amen. *Amen* kuchaza ukuthi "makube njalo." Ngakho, makube njalo. Ngikukholwa ukuthi kuyiQiniso. Ufanele ukhonjwe kanye naYe.

148 Manje, uma ngizoba ngumMelika wangoqobo ngempela, uma ngizoba isakhamuzi sangempela salesisizwe, ngifanele ngikhonjwe naso. Ngifanele ngibe yikho konke eyayilokhu iyikho, kulungile noma kungalungile. Ngifanele ngibe yikho konke eyikho, kulungile noma kungalungile; konke eyolokhu iyikho, kulungile noma kungalungile. Ngifanele ngikhonjwe kanye nalesisizwe, uma ngizoba ngumMelika. Kunjalo na? Enkazimulweni yayo noma ehlazweni layo, inkululeko noma ilangabi, noma yini eyiyo, ngifanele ngibe umenzi wokungabinakufa kwayo. Ngifanele ngime njengokukodwa. Yonke into eyayilokhu, iyiyo. Yonke into eyayilokhu iyikho, ngiyiyo. Konke eyoke ibe yikho, ngifanele ngibe ngabahlanganyeli bayo. Kunjalo.

149 Kucabangeni nje imizuzu embalwa. Manje-ke, ukuba yilokho, njengomMelika. Ngizokufinyelelisa kini, ukuze niqiniseke ukukubona, lapho sengivala.

150 Ukuba ngumMelika, ngifanele ngikhonjwe kanye nayo yonke into eke yayenza. Manje-ke, ngehlela ePlymouth Rock, no—nokhokho. NgangisePlymouth Rock nabaHambi. Ngangilapho kanye nabo. Ngagibela noPaul Revere, ngobunye ubusuku, ukuxwayisa lesisizwe ngezingozi zaso. Ngangifanele ukuba nguye, uma ngangingumMelika.

Wena uthi, "O, Mfowethu Branham!"

151 Awume kancane. IBhayibheli lathi, kumaHeberu isahluko 7, ukuthi, "ULevi owemukeliswa okweshumi, watheliswa okweshumi, ngokuba wayesokhalweni lukaAbrahama mzukwane ehlangabezana noMelkisedeki," ukhokho kakhokho wakhe, futhi kwabalelwa kuye. Ngenkathi indodana engumzukulu kamzukulu kamzukulu wakhe wayesokhalweni lwakhe, ngenkathi uAbrahama ethela okweshumi kuMelkisedeki, uNkulunkulu wakwabela. Ngabe Wakwenza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo.

152 Noma yini lesisizwe esiyikho, ngiyikho. Kunjalo. Ngakho, ngehlela ePlymouth Rock. Ngagibela noPaul Revere.

153 Ngawela iValley Forge, ngangikulowomfula ono ayisi noGeorge Washington. Ngangingomunye walawo masosha aseMelika ayengenazicathulo, ukumasha ngokumelana

neBritish. Nganginezinyawo ezibandayo ngalokho kusa, ngenkathi ngisonga izinyawo zami. Ngibone uWashington ephuma ehlane, emanzi, kwaze kwayothi ngqu okhalweni lwakhe, ngokukhuleka ubusuku bonke. Ngangilapho ngenkathi kwenzeka.

154 Ngama noStonewall Jackson, ngenkathi ukuphikisana kwakukukhulu kakhulu. Ngenkathi izimpi zasenyakatho zithunyelwa ezansi lapho, bathi, "Zonke izimpi iphuke emuva."

Bathi, "Uphi uJackson na?"

155 Bathi, "Umi njengetshe lodonga." Ngama naye lapho; omncane, umfo omncinyane, omehlo al'hlaza s'bhakabhaka.

156 Bake bambuza, "Ungama kanjani kube ukuphikisana kukukhulu kangaka na?"

157 Indoda ezithobe kakhulu, wakhahlela ibhuzu lakhe, *kanjalo*, wathi, "Angiwayisi neze amanzi emlonyeni wami, ngize ngibonge uNkulunkulu uSomandla." Ngama naye ezinkolelweni zakhe. Ngama noStonewall Jackson. Kunjalo.

158 NgangiseDilini leTiye laseBoston. Ngasiza ukuphosa elinye laleloTiye laseBritish olwandlekazi. Ngadingeka ngikwenze, ukuba ngibe ngumMelika. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Ngasayina iSimemezelo sikaMazibuse, noThomas Jefferson. Ngashaya iNsimbi yeNkululeko, ngoJulayi 4, 1776.

159 Ngikhonjwa ehlazweni layo lombhedukazwe, ngenkathi kulwa umfowabo nomfowabo, noyise ebhekene nendodana. Ngifanele ngikhonjwe ehlazweni layo, ngokufanayo njengoba ngikhonjwa enkazimulweni yayo. Kunjalo impela.

160 NgangiseWake Island ngenkathi onke lawomasosha elahlekelwa yizimpilo zawo. Ngiwabonile ekwenza. Ngiwabonile ngenkathi edla iWake Island. Ngasiza ukugxumeka iflege eGuam. Impela.

161 Konke eyayiyikho, nakho konke eyake yakwenza, konke eyikho manje, ngokuziqhenya ngithi ngiyingxenye yayo, ngoba ngiyajabula ukuba ngumMelika. Anijabuli nina na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

162 Ukuba ngumKristu, ngifanele ngifane. Haleluya! Yebo, mnumzane. Uma ngingumKristu, khona-ke ngashumayela iVangeli futhi ngexwayisa ngezahlulelo ezizayo, noNowa. Yebo, mnumzane. Ngangiyingxenye yakho emuva lapho, phakathi lapho. Ngangiyingxenye yomnotho kaNkulunkulu.

163 NganginoMose esihlahleni esivuthayo. Ngaxoshwa eGibhithe noMose. Ngabalekela ehlane, futhi nganginaye esihlahleni esivuthayo. Ngalizwa izwi laKhe. Ngayibona inkazimulo yaKhe. Ngayibona iNsika yoMlilo emuva kulesosihlahla emuva lapho, ikhuluma kuMose.

164 Nganginaye oLwandle oluBomvu ngenkathi luvuleka. Ngiyibonile iNsika yoMlilo ihlala phezu kweNtaba iSinayi. Ngadla imana ehlane futhi ngaphuza edwaleni elishayiwe. Haleluya! (Angizizwa nginamashumi amahlanu-nanhlanu khona manje.) Amen. Yebo, mnumzane. Ngidla imana ehlane, nabantwana bamaHeberu emuva lapho ehlane. Futhi ngaphuza kulelodwala elifanayo elishayiwe.

165 Ngama noJoshuwa ngalokho kusa ngesikhathi ehlola lezozindonga zaseJeriko, futhi uyibonile iNdoda imi. Wahosha inkemba yakhe wayesegijima ukuyohlangabezana naYo. Wathi, "Ngabe Ungomunye wethu. Ngabe Ukanye nesitha sethu na?"

166 Yathi, "NgiyiNduna yebandla leNkosi." Ngimbonile uJoshuwa ephosa inkemba yakhe phansi. Ngaguqa noJoshuwa ngenkathi ngikhothama phambi kwaYo, iNduna yeNkosi yebandla laYo. Ngizibonile izindonga zase Jeriko ziwela phansi, ngokukhala kwecilongo.

167 Ngambona uJoshuwa, wathi, "Langa, yima ngqi. Futhi, nyanga, yima phezu kweAjaloni. Unganyakazi." Ngalibona ilanga lima ngqi, nenyanga ingehluleki ukunikeza ukukhanya kwayo. Ngikubonile konke lokho kwenzeka.

168 NganginoDanyeli emphandwini wezingonyama; nabantwana bamaHeberu besesithandweni somlilo.

169 Ngangino Elija, phandle lapho ngenkathi umhlaba wonke umala, noAhabi nabobonke oJezebeli babo nazozonke izinwele zabo eziphunguliwe nezinto zalolosuku, opende babo nophawuda, yonke into eyathola ibandla. Ngama noElija, ngasho ukuthi umlayezo umsulwa futhi uhlanzekile, eZwini likaNkulunkulu. Haleluya! Ngahlala naye eNtabeni iKameli ngenkathi ema yedwa phandle lapho. Ngimbonile ekhuleka ukuba kwehle umlilo uvele ezulwini.

NganginoDavide ngenkathi ebulala uGoliyathe. Udumo kuNkulunkulu!

170 Awu, uma ngingumKristu, ngikhonjwa kukho konke lokho. Ngifanele ngibe yingxenye yakho. Yebo, mnumzane.

Ngaprofetha noIsaya ngosuku lwakhe.

171 NganginoJohane phezu kweJordani ngenkathi ebona ijuba lehlela phezu kwaKhe. Ngama noJohane eJordani.

172 NgaMbona ephilisa abagulayo; evusa uLazaru; evusa indodakazi kaJayiru ibuya iphila futhi, emva kokuba yase ifile. Ngikubonile lokho.

173 Ngikhonjwa kanye naYe ekufeni kwaKhe. Ngafa kanye naYe ngenkathi Efa eKalvari, futhi ngabuye ngavuka ekuseni ngePhasika kanye naYe, emandleni okuvuka kwaKhe. Ngingufakazi wakho kulobubusuku. Ngafa kanye naYe eKalvari, ngavuka kanye naYe ngePhasika. Haleluya! Ukuba ngibe yingxenye yaKhe, ngifanele ngikhonjwe kanye naYe.

Ngakhonjwa kanye naYe ekufeni kwaKhe. Ngakhonjwa kanye naYe ekuhluphekeni kwaKhe. Ngakhonjwa kanye naYe ngenkathi amahlelo eMala. Ngakhonjwa kanye naYe ngenkathi beMxosha ethempelini, ngenkathi bezama ukuphosa, baMsuse. Ngangina Ye lapho. Ngangina Ye ekufeni kwaKhe, ngavuka kanye naYe ekuvukeni.

174 Futhi ngangikanye nabayikhulu namashumi amabili ngenkathi bekhwela beya ekamelweni eliphezulu. Yebo, mnumzane. Ngawubona lowomoya onamandla ovunguzayo uvela eZulwini. Ngakhuluma ngezilimi nabagcotshiwe ngoSuku lwePhentekoste. Haleluya! Ngangilapho ngoba ngikhonjwa kanye naYe. Udumo kuNkulunkulu! Kunjalo. Ngashumayela noPetru, eZenzweni 2. O, ngashumayela kanye naye lapho.

175 Ngashumayela kanye noPawulu eAriyophagu, phambi komgxeki. Yebo, mnumzane. Ngangifanele.

176 Ngangikanye noJohane esiQhingini sasePatmose. Ngawubona umbono wokuFika kwaKhe. Nginjalo. Nga—ngambona uLuther. Ngangikanye naye ngenkathi esenguqukweni.

Ngangikanye noWesley.

177 Futhi manje ngilapha eYuma, eArizona. Haleluya! Ngiyakhonjwa kulobubusuku, lapha kuleStardust Motel, neqembu labantu elikholwa yinto efanayo. "Futhi manje sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu." Haleluya! Ngibheke ukuFika kwaKhe enkazimulweni, ngolunye lwalezizinsuku. Ngikhonjwa kanye naYe!

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle kuze kube phakade;
> Ngolunye usuku Uyeza, O usuku oluyinkazimulo kanje pho!

178 Manje ngikhonjwa embhaphathizweni kaMoya oNgcwele; hhayi into ethize phandle lapha emgwaqeni, into ethize eminyakeni engamashumi amane edlule. Nginawo khona manje, inkazimulo namandla kaNkulunkulu, kokuthethelelwa kwezono. NgiMbona ephilisa abagulayo, evula amehlo aphuphuthekile, ngiMbona esho izinto zingakenzeki, efunda izinhliziyo zabantu. Ngikhonjwa kanye naYe enkonzweni yaKhe ngalolu izinsuku zokugcina. Udumo kuNkulunkulu! Ngikhonjwa kanye naYe, ngokukhululwa ngalolu izinsuku zokugcina. Ngethemba ukuba yingxenye yalowoMlobokazi omkhulu ozayo ngolunye lwalezizinsuku.

179 Akunandaba ukuthi izwe lingathini, bangahle basibize ngo "hlanya, abanokuhayiza, noma oBelzabule, noma abakholwa okuphambene nokukholwa okujwayelekile," noma ngabe bafuna ukuba yini. Ngisalokhu ngifuna ukukhonjwa naleloqembu.

Ngisalokhu ngilapho. Ngisele lapho. Ngazalwa lapho. Ngifuna ukuhlala lapho. Ngiyohlala njalo ngilapho, ngoba uNkulunkulu wangibeka lapho. Ngilapho. Ngashiya ibandla lami, ukuba ngize ngikhonjwe mina uqobo nesigejane sabagingqiki abangcwele. Ngingomunye wabo. Ngikhonjwa kanye nabo.

Bathi, "Billy, ulahlekelwe yingqondo yakho."

180 Mhlawumbe ngakwenza, kodwa ngathola umqondo kaKristu. Ngathola iZwi laKhe, ngathola uBukhona baKhe, ngathola ukuthi Ngunyena izolo, namuhla, naphakade! . . . khathal'ukuthi noma ubani omunye ucabangani ngakho. Lona yimi. Yimina engizokwenza inkomba yami. Ngikhonjwa kanye naYe, ngeZwi likaNkulunkulu. Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngiyajabula ngikhonjwa kulokho. Yebo, mnumzane.

181 Niyazi, umshayi wevawolini omdala ongumnikazi wayo, ngesinye isikhathi. Niyizwile indaba. Kwakunevawolini endala futhi bayishaya indali yokubhida. Babefuna ukuyithengisa, futhi akukho muntu owayeyithenga. Bathi, "Ubani ozokhipha idola na? Ubani ozokhipha idola nohhafu na?" Ekugcineni, "Yakhuphuka kanye, yakhuphuka okwesibili, idola nohhafu."

182 Ekugcineni indoda endala enelwe-zimpunga yaphuma ezethamelini. Niyayazi indaba. Yayicosha, yathi, "Ake ngiyithathe." Yabeka into yokushaya ivawolini emnsalweni wayo, yayisiyishaya izikhathi ezimbalwa. Abantu baqala ukukhala izinyembezi. Izinyembezi zaqala ukwehla ebusweni babo, kanjalo.

183 Futhi ngenkathi benza, umdayisi endaweni yokubhida wayicosha, futhi, "Ubani ozokwenza eyodwa," wathi, "inkulungwane yamadola, izinkulungwane ezimbili, izinkulungwane ezinhlanu na?"

184 Kwakuyini umehluko na? Umnikazi, lo owayeyazi, lo owayakha, wayazi ukuthi kutholwa kanjani okwakukuyo.

185 Futhi inqobo nje uma sizama ukuletha amabandla ethu ezivumweni kholo namahlelo, asisoze sakwenza. Makuthi iNyanga yokwaKha yesintu, Eyenza umuntu ngomfanekiso waYo uqobo, Ezakhela Yona uMlobokazi wento efanayo, makuthi into yaYo yokushaya ivawolini eshaywe ngoMoya oNgcwele ishaye leliZwi enhliziyweni yakho kanye, futhi kuzoba isibonelo sethu esizedlula zonke. Akunandaba ukuthi mangaki amabandla amakhulu oya kuwo, nokuthi mangaki amagama elisencwadini, kuzokwenzela uJesu Kristu okuningi kunawo onke amandla, namahlelo, nezivumokholo, namabandla omhlaba, nezinhlangano, emhlabeni wonke.

186 Yenza uMlobokazi. Yebo, mnumzane. Igweda amabhizela manje, igenca izwe. O, ukujoyina ibandla, nezivumokholo, namahlelo, nemibhedesho, konke kuzofanele kunqunywe kusuke eBandleni; imiqondo yabo yangegama nje, ukunganaki

kwabo, izimfundiso zabo nezinto. Buyani futhi nidedele uMnikazi acoshe into yokushaya. Makuthi uMnikazi akucoshe wena ngezandla zaKhe, ushaye iZwi, uthi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

187 Uthi, "Amen, Nkosi. Ngenze, ngibumbe, ngenze, Nkosi, engifanele ukuba yikho." Khona-ke kuzobakhona into ehlukile.

188 Manje-ke, "Uma Ngiphakanyiswa emhlabeni, Ngiyakudonsela bonke abantu kiMi." Yebo, mnumzane.

189 Uyakugawula manje, ukugawulela phansi eZwini laKhe kuphela, egawula zonke izivumokholo nemibhedesho nayoyonke into, isuke kuwe, uzama ukubuyela kuMlobokazi weNdodana, omunye uphisi wobuciko odlula konke, ingxenye yeZwi. IZwi!

190 UJesu wayengenakuyithatha indawo. Niyakhumbula ngenkathi befunda ngalolusuku encwadini na? Wafunda ingxenye nje yesiprofetho, wakushiya konke okunye kwangosuku lokugcina. Sifanele sithathe leyongxenye.

191 Ngakho, niyabo, Ugawulile, ufuna ukugawula iBandla alikhiphe, njengoba Enza nje iNdodana wayikhipha, njengoba Enza uMlobokazi noMyeni. Ukuba nibe nguMlobokazi waKhe, nifanele nibe yingxenye yaKhe. Hhayi ingxenye yesivumokholo, hhayi ingxenye yebandla, hhayi ingxenye yehlelo, kodwa ingxenye yaKhe. Okugawulwe kwakhishwa kunoma yiluphi olunye uhlobo lwesimo, ngeke kusebenze. Nifanele nigawulwe eZwini. Izwe linqunywe lisuswe kini, bese nje eshiya iZwi kuphela liphile kini.

192 UMqophi omkhulu wemifanekiso ubala kuwe, uvuma ukuma futhi ubunjelwe ekufaneni nesidingakalo saKhe iZwi laKhe elisidingayo. "Ngezinsuku zokugcina Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayoyonke inyama. Amadodana enu namadodakazi ayakuprofetha." UKristu unguPhisi wobuciko odlula konke okhonjiwe weZwi lenziwe inyama. Uyacelwa ukuba uzikhombe wena uqobo kuYe, ngeZwi elifanayo, ukuba ube uphisi wobuciko odlula konke woMlobokazi.

193 Manje, bazalwane, uNkulunkulu wayenophisi wobuciko odlula konke ngalesosikhathi, ukuwethula ezweni, manje Ufuna uphisi wobuciko odlula konke mamhlanje. Uyavuma na? Usulungele, mngane wami ongumKristu na? Uqiniseke ngempela yini ukuthi impilo yakho imbonakalisa kakhulu uKristu, akunandaba ukuthi izwe lithini. Bathi, "Ulahlekelwe inqondo yakho. Usuyahlanya. Uhambe futhi wajoyina lesosigejane sabagingqiki abangcwele." Ungakunani lokho.

194 Uma ngempela ungakasindiswa ngokweqiniso, futhi ukulowo Mzimba, neZwi likaNkulunkulu likuwe futhi lizibonakalisa Lona uqobo, nokuPhila kukaKristu kubonakalisa kuwe; mfowethu, dadewethu, ungalithathi lelothuba. Angikhathali ukuthi uyini, ukuthi nhloboni yezehlakalo onazo, leloZwi malibonakalise ngawe usuku ngalunye, ngoba

uNkulunkulu, ngalolu izinsuku zokugcina, uthathela iNdodana yaKhe uMlobokazi, uJesu Kristu.

Asikhothamise amakhanda ethu.

195 Baba waseZulwini othandekayo, indlela el'hlaza kanje pho phambi kwesigejane sezihlakaniphi sabantu. Imfundo yami ayan-. . . ayenele, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele omkhulu uzozikisa lamazwi enhliziyweni yabantu, ukuthi bazobona ukuthi bengichaza ukuthini, uma bengakwazanga ukuqonda ngendlela yami yokugawula izinto, Nkosi. Kodwa, enhliziyweni yami, ngi—ngiyabona ukuthi U—Uzama ukwenzani.

196 Ngiyakholwa, Baba, uMlobokazi ufanele abe yingxenye yoMyeni. Ufanele afane nje njengoMyeni, ngokuba uyingxenye yaKhe. Angeke neze, neze abenguMlobokazi waKhe aze abe yingxenye yaKhe. Naleyo yingxenye yeZwi, namhlanje, elithi nguYena izolo, namuhla, naphakade.

197 Uhlamvu lukakolo olwake lwaphila emhlabeni, futhi lwawela emhlabathini, lwavuka ekufaneni nenhlamvu eyangena emhlabathini. Futhi, Nkosi, ngoSuku lwePhentekoste lapho kwavela iBandla elikhulu. Lapho kwavela enye inhlamvu kakolo, ukuba yenziwe uMyeni noMlobokazi wosuku lokugcina.

198 Siyathola, yawela phakathi, yaKhe, iminyaka eyinkulungwane. Kusukela kumkhandlu waseNayisiya, yalala ibola emhlabathini.

199 Abagxeki babhala ibhuku, *The Silent God*, "Owayengayeka abantwana abancane bafe, futhi babulawe amabhubesi, futhi bashiswa. Abantu ababelwela ukufa phambi kwezibukeli enkundleni babulala amaKristu ngokufela ukholo, futhi bawashisela ezingodweni." Ukuba lowomuntu kuphela wayenokuqonda kokomoya!

200 Lowo kolo ufanele ubole emhlabathini, kodwa wavumbuka futhi, hhayi ekufaneni owangena emhlabathini ngakho. Wehlela ekufaneni nenhlamvu kakolo, kodwa, ngenkathi ivela, yayinamadlebe amabili, njengokolo osemncane omilayo.

201 Ekugcineni yamila yaphuma, kusuka kuLuther kuya kuZwingli, futhi kwehle njalo, futhi ekugcineni ifika entshakazeni. Yazishintsha yona uqobo ngezinsuku zikaWesley. Yabukeka ifana kakhudlwana impela nokolo, futhi kakhulu njengoba yenza ngamadlebe. Ibuyela kuyo uqobo futhi.

202 Manje-ke siyathola, iyamila, inhlamvu, yabukeka cishe impela njengeyangempela. Futhi uma ubungagoba bese uhluba ikhoba, uzothola. Leyonhlamvu yokuqala kakolo ayinanhlamvu kuwo, nhlobo. Yikhoba, icembe. Nkosi, imvuselelo enkulu yePhentekoste eyaphuma, yadingeka ibe ngaleyondlela, Nkosi, ukuvikela uKolo uma usuphuma. Yayingeke ibe khona indawo yayo ukuba Uye kuyo.

203 Manje, Baba, siyazi ukuthi sithatha zonke izinto ngemvelo, ngoba Wena wabumba imvelo. Wahlenga umhlaba: ngendlela Owawubhaphathiza ngayo, izinsuku zikaNowa, emva kokushumayela kwakhe; Wena waconsisa iGazi leNdodana phezu komhlaba, ukuwungcwelisela Wena uqobo; nasonyakeni omkhulu ozayo, ekuwulungiseni kabusha, Wena uzowushisa wonke ngomlilo, ukushisa zonke izinto zezwe zisuke. Njengoba Wenza umKristu, Uyamsindisa: umbhaphathize; umngcwelise; bese ulungisa kabusha izwe kuye, bese umbiza-ke ngokuthi ungowaKho uqobo, ngokufaka uMoya oNgcwele kuye.

204 Siyazi ukuthi lokolo uza ngendlela eqhubekayo efanayo. Yonke imvelo isebenza ngokufanayo. Manje, Nkosi, uma sibona ikhoba manje lideda eNhlamvini, lihamba ngokwezwe, O Nkulunkulu, yipha ukuba lezozinhlamvu zizo . . . I—ikhoba lidede, ukuze inhlamvu ingene eBukhoneni beNdodana. Ngizwa ukuza kokuhlangene, Nkosi. Akuzukuba kade. Bese kuthi-ke isitebhisi esikhulu esizihambelayo siyothatha uMlobokazi waKhe simenyusele enkazimulweni, eBukhoneni bukaNkulunkulu.

205 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi uZobusisa ngamunye wethu. Asikhumbule, Nkosi, ukuthi leli yithuba lethu. Singahle singabi nalo kusasa. Namhlanje ithuba lethu. "Namhlanje, emva kwesikhathi eside kangaka, uma nilizwa iPhimbo laKhe, ningayenzi lukhuni inhliziyo yenu." Nkosi Nkulunkulu, angibazi lababantu. Uma ekhona lapha, osilele kulokhu, yipha kulobubusuku ukuthi bazokwemukela ukugcwala kukaNkulunkulu, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Siphe khona, Baba.

206 Manje namakhanda ethu ekhotheme, nezinhliziyo zethu zikhotheme, nazo. Bangane, ngiyaxolisa ngendlela enginqamula ngayo umlayezo wami. Ngi—ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzonikhombisa nje ukuthi bengiqonde ukuthini. Manje, uma . . . Angifuni muntu abuke. Yiba ulokhu ukhothamise ikhanda lakho nje. Angifuni. Noma ngabe ungubani, uma ungaqinisekile ukuthi impilo yakho . . .

207 Manje, niyabo, ngayinye yalezozinto eziqhubekayo, benzani na? Bangena enhlanganweni. Wenzani na? UMoya wasuka, waya kwelinye. Kwathi nje uLuther angahlela; Wayongena ngqo kuWesley. UWesley wahlela; Wayongena ngqo kuyiPhentekoste. IPhentekoste yahlela; Uyaphi na? NjengeNsika yoMlilo nje, ilokhu iqhubeka nje.

208 Nabanye abantu babengathi, "NgiyiPhentekoste." Lokhu kuhle. "NgiyiLuthela." Lokho kulungile. Akukho okumelene nalokho.

209 Kodwa, mngane, mngane, uKolo usalokhu uqhubeka. Sibe nenye yezimvuselelo ezinkulu kunazozonke. I—ihlale isikhathi eside. Umlando ukhombisa ukuthi imvuselelo ihlala

kuphela cishe iminyaka emithathu. Lena isibe yiminyaka eyishumi nanhlanu, noma ngaphezulu, imikhankaso emikhulu yokuphilisa, kodwa usupholile manje. Bukani! Zonke izimvuselelo njalo ziveza inhlangano emva kwazo. Kungani lena ingakwenzanga na? Kuneqembu elincane labazalwane elaqalayo phezulu, phezulu lapha ndawondawo, elithiwa yiMvula yakaMuva, abayanga ndawo; baqathaka ngqo. Ngani na? Unyaka kaKolo, mngane. NguKolo. Kunenkonzo emhlabeni efana nje naleyo eyangena emhlabathini emuva ngaleya ekuqaleni, isehlakalo sangempela sephentekoste.

210 Amabandla ayahlelwa. Nelinye lizama ukwakha elikhulu kunelinye, nokuthola amalunga amaningi nezinto, izinhlangano, kancane kancane. Siyakubona. Ngiyiphentekoste. Siyakubona kudedela kude. Kodwa ini? Kuzofanele kukwenze lokho, ngakho i—iNdodana ingafika eNhlamvini. Uma bekungekho lapho, kuqala, uma bekungekho khoba ngakuyo, ibingenandawo okungaya kuyo. UNkulunkulu wakwenza ikhoba, niyabo, njengohlamvu, njengokolo, njenganoma yini enye into ephuma ivela kugudluthukela. Manje, niyabo, akaze ibebikho noma iyiphi inhlangano eqalayo ukuphakama emva kwale. Ngani na? Asisekho isikhathi sayo. Sisekupheleni.

211 Futhi uma ningekho nje impela lapho enifanele nibe khona, futhi ningathi, "Mfowethu Branham, uma uNkulunkulu ezozwa umkhuleko wenu ngabagulayo, futhi ngizwile ukuthi iNkosi yenzeni ekuphenduleni umkhuleko." Futhi nizwile ngabanye abantu ezweni namhlanje, uyakhuleka. Wena uthi, "Ngi . . . Ungangikhulekela, ukuthi ngizomukela lesosehlakalo, Mfowethu Branham na? Ngingahle ngingaphinde ngikubone." Ngingahle ngingakuboni neze. "Kodwa khuleka ukuthi ngizobakhona. Angizizwa nje ukuthi ngiyoba lapho manje. Kodwa ngithanda ukuthi wena ungikhulekele, ukuthi ngiyobakhona."

212 Manje, onke amakhanda ekhotheme. Phakamisa isandla sakho, uzosiphakamisa na? INkosi ikubusise, ikubusise, nawe. UNkulunkulu akubusise. Kuleliqembu labantu, ngiqagele, amashumi amahlanu, mhlawumbe, noma izandla ezingamashumi ayisikhombisa-nanhlanu besiphakeme.

213 Manje, Jesu Othandekayo, Wena ungamhluleli. Thina singabefundisi nje. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu Othandekayo. Futhi—futhi uma Ngifumene umusa emehlweni akho, phendula umkhuleko wami. Uzibonile zonke izandla ziphakamile. Uyakwazi okusezinhliziyweni zabo. Siyakholwa ukuthi bamiselwe ukuPhila. NoSathane, njengasemihleni kaAdamu nje, uzama ukuvimbela lowophisi wobuciko odlula konke ekubeni uphume. Kwangathi kungamiswa kulobubusuku. Kwangathi iGazi likaJesu Kristu lingakuvimba, futhi kwangathi bangaphuma njengophisi wobuciko odlula konke kuNkulunkulu. Siphe khona, Baba.

214 Kwangathi bangakhonjwa eZwini likaKristu. Wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha..." Kwangathi bangamukela lesosehlakalo sokuzalwa ngokusha. Kwangathi bangamukela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukulungiswa kabusha kwazo zonke izinto zezwe. Abasalifuni, Nkosi. Hlanza lelozwe lisuke kubo, bese ubabeka phandle njengophisi wobuciko odlula konke phambi kwabantu. Siphe khona, Nkosi, ukuze Ujabule ngalonyaka wesikhathi sasensimini ngezinsuku zokugcina lapha, ukuba umele uphisi waKho wobuciko odlula konke walaba besilisa nabesifazane, abafana namantombazane, abaphakamise isandla sabo. Siphe khona, Nkosi.

215 Busisa lemvuselelo eqhubekayo edolobheni. O Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi wonke owesilisa nowesifazane, oseduze osondele, uzovakashela leyomvuselelo. Futhi kwangathi bonke bangagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi kwangathi kungabakhona imvuselelo eyifeshini endala eshanela lonke lelidolobha elincane lapha, kuze kuthi abantu abavela ndawo zonke bezoza. Siphe khona, Nkosi. Siphe lezizinto, Baba, ngokuba sizicela eGameni likaJesu. Amen.

216 Ng'yaMthanda. Ng'yaMthanda. NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyazi, uPawulu wathi, "Uma ngicula, ngicula eMoyeni." Angazi noma. Ngikude kabi ukuba ngumculi. Kodwa angazi nje noma, kanye kanye, ukuthi singeliqale yini leloculo, *Ng'yaMthanda*. Ungasinika indlela, dade na? "Ngoba Wangithanda kuqala." Nilizwile na? Bangaki olaziyo na? Ake sibone esenu...Lingelinye lamaculo amadala. Ngiyathanda ukulicula. Kulungile.

217 Manje asikhothamise amakhanda ethu nje futhi sivale amehlo ethu, futhi sicule manje, *Ng'yaMthanda*.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wangithengela insindiso
> Emthini waseKalvari.

218 Asilihamishe. [UMfowethu Branham uqala uhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.] Ngolunye usuku izintingo zenkosikazi ziyoshwibeka esibhakabhakeni. Kuyoba necilongo elikhalayo. Abafileyo kuKristu bayokwenyuka. O, siyoLifuna kanjani ngaleyonkathi!

> Wangithengela insindiso
> EKalvari.

219 Yilapho Abakhona uPhisi wobuciko odlula konke wethu. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

220 Khumbulani nje, bonke ophisi bobuciko abedlula konke, ngaphambi kokuba baze babekwe ehholo lodumo, bafanele bedlule ehholo labo labagxeki, kuqala. Abagxeki uzofanele abone ukuthi bangawugxeka yini. Kodwa uma umela abagxeki,

khona-ke uyiswa ehholo lodumo. INdodana kaNkulunkulu yedlula kubagxeki bazozonke izinhlangano, ihlelo, kwaze kwathi ngisho uPilatu wathi, "Angifumani cala kuye." UJuda wathi, "Ngibethele iGazi elingenacala."

221 Khona-ke uNkulunkulu waYiphakamisa, futhi uYiphanyeka ehholo elikhulu lodumo namhlanje, ngakwesokunene sikaNkulunkulu, enza ukunxusela. Anifuni yini ukuYijoyina lapho na? Anifuni yini ukuba yingxenye yalokho na? Ningaba yiyo. Nimenyelwe ukuba yiyo. Sisacula leliculo, anikuxoxisani ngani nje naYo manje.

. . . ngithanda kuqala
Wangithengela insindiso
Emthini waseKalvari.

222 Sisalicula futhi, ngifuna uxhawulane nomunye umuntu ongale kwetafula manje. Uthi, "UNkulunkulu akubusise, mngane ongumKristu. UNkulunkulu akubusise. Ngikhulekele." Ngamunye yenzani lokho manje, njengoba silicula leli futhi.

Ngiyathanda . . .

Ngikhulekele. Ngikhulekele.

. . . Mthanda
Ngoba Wa . . .

223 Nakho-ke, xhawulanani, nithi, "Ngikhulekele." Nonke ngikhulekeleni. Ngifuna ukuba lapho, kabi kabi.

Wangithengela insindiso
Emthini waseKalvari.

224 Manje asikhothamise amakhanda ethu futhi sivale amehlo ethu, futhi siphakamise izandla zethu futhi siMculele lona manje.

Ngi . . . (O Nkulunkulu), ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wangithengela insindiso
EKalvari.

Bukani uPhisi wenu wobuciko odlula konke ulenga lapho.

225 Mqophi omkhulu wemifanekiso, Nkulunkulu omkhulu Owenza umuntu, futhi wambumba futhi wamenza ngomfanekiso waKho uqobo, ngikhuleka kuWe, Nkosi, ukuthi Uzosithatha kulobubusuku. Kwangathi lobu kungaba ubusuku besikhumbuzo, obukhumbulekayo ngempela kithi, ukuthi, kulobubusuku, Nkosi, kulobubusuku, khona lapha eStardust Motel, kwangathi Ungabumba abantu babesemfanekisweni wamadodana kaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi. Mqophi omkhulu wemifanekiso, Nguwe kuphela Ongakwenza. Thatha iZwi lakho, Nkosi, Libumbe khona ngqo ezinhliziyweni zethu sonke, ukuthi singaba ophisi baKho bobuciko abedlula konke kulezizinsuku zokugcina, futhi sibizwe ngoMlobokazi kaKristu.

Abanye abantu bangahle babone ukuthi kukhona ubuqiniso obunje nenjabulo enje ukuMphilela.

226 Nkosi, lolusuku, ukuthi ngisho namabandla akithi, alahlekelwa ubuqotho bawo. Awa . . . Lapho kubonakala kunjalo, bonke sebuye eHollywood. Nkosi, kwenzenjani na? Balandele u—ubucwebecwebe esikhundleni senkazimulo. Siyazi ukuthi izwe licwebezela izimfundiso ezigqamile zezwe. Kodwa iVangeli likhazimula ngothando nangoKristu. Siphe khona, Nkosi, ukuthi sizodeda ebucwebecwebeni bezwe, futhi singene enkazimulweni kaKristu.

227 BangabaKho, Nkosi. Wabathenga. Wena! Baphakamise isandla sabo, kulobubusuku, bafune ukuba yibo. Manje, Baba, ngi . . . Uma bengingakwenza, bengiyobenza, kodwa angikwazi. Kodwa ngithemba Wena. Wena wathi, "Oza kiMi angisoze Ngamlahlela ngaphandle. Ozwa iZwi laMi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade, futhi akasayi ekwaHlulelweni," hhayi ukuzenzisa manje, Nkosi, kodwa akholwe, "wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Siphe khona, Baba. BangabaKho, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

228 NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akamangalisi na? ["Amen."]

229 Sinike ishuni encane, noma indlela lapho, dadewethu, *Uyisimangaliso, Uyisimangaliso*.

Niyathanda ukucula na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Ngabe ngithatha isikhathi eside na? [Abaholi bosomabhizinisi bathi, "Qhabo."—Umhl.]

230 Ngiyakuthanda ukukhonza. Anikuthandi nina na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Omncane, uMlayezo osikayo njengalo, angi . . . Niyazi, ngiyakuzonda ukusika. Kodwa, nina, nifanele nisigobise isipikili uma sesiphumele ngale, futhi nisenze sibambe. Niyazi ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ya. Nifanele nisishayele phansi manje. Futhi niyabo?

231 Niyalithanda leloculo na? "Uyisimangaliso, uyisimangaliso, uJesu kimi." Niyalazi lelo na?

> Uyisimangaliso, uyisimangaliso, uJesu kimi,
> Umluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onaMandla nguYe;
> Engisindisa, engigcina kusosonke isono nehlazo,
> Isimangaliso nguMhlengi wami, alidunyiswe iGama laKhe!
>
> Ngangilahlekile, manje sengifunyenwe, ngikhululekile kukho konke ukulahlwa,
> UJesu unikana inkululeko nensindiso egcwele;

Engisindisa, engigcina kusosonke isono nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, alidunyiswe iGama laKhe!

Wonke umuntu!

Uyisimangaliso, uyisimangaliso, uJesu kimi,
Umluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onamandla nguYe;
Engisindisa, engigcina kusosonke isono nehlazo,
Isimangaliso nguMhlengi wami, alidunyiswe iGama laKhe!

232 Manje asithi, "Ayidunyiswe iNkosi!" [Ibandla lithi, "Ayidunyiswe iNkosi!"—Umhl.] Ayidunyiswe iNkosi! Anizizwa nikolojiwe na? ["Amen."] Nizizwa nikahle na? Khonzani iNkosi. Iyisimangaliso.

233 UNkulunkulu anibusise futhi. Ngizobuyisela inkonzo manje kumfowethu, umengameli.

